


UPHAWU LWESILO

NO PHAWU LUKA NKULUNKULU ¹

 Asibe silokhu simile, umzuzwana nje manje, ngomkhuleko.

² Baba wethu waseZulwini, siyabonga, impela, ngenhlanhla yokuhlangana ndawonye eGameni leNkosi uJesu. Manje phambi kwethu kubekwe iZwi laKho, futhi, o, siliphatha kanjani Lelo ngokuthula, Nkosi, futhi ngenhlonipho yokuzithoba ngoba LiyiZwi likaNkulunkulu.

³ Futhi kuzoba yilokho, kube yintando yaKho ukuthi ngizozama ukuchaza indaba enkulu, kulobubusuku. Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi uMoya oNgcwele uzonginika amazwi ukuba ngisho azoba usizo ebandleni, futhi—futhi kube ngokuhle koMbuso kaNkulunkulu. Siphe khona, Nkosi. UnguBaba wethu, futhi siyaKuthanda ngenhliziyo yethu yonke, futhi siyakhuleka manje ukuthi Uzosibusisa.

⁴ Futhi njengoba ngicabanga ukuthi bengingenzani ukuba benginakho ezandleni zami, kulobubusuku, e—engilazini, iconsi elilodwa nje leGazi leNkosi uJesu, bengingakubamba kanjani enhliziyweni yami! Futhi nje, o, bengiyocishe ngesabe ukuphefumula. Kodwa manje-ke, Baba, ebusweni baKho, Unikele ezandleni zami okukhulu kakhulu, ukuthengwa kweGazi laKho, IBandla laKho, Owalinikelela iGazi laKho, ukuLisindisa. Manje, sizise, Nkosi, ukuze sondle umhlambi kaNkulunkulu uMoya oNgcwele owenze ababonisi bawo kuwo. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

⁵ Ningahlala phansi. Sethemba iNkosi uJesu ukuba ithumele izibusiso zaYo phezu kwethu. Bengisegumbini nje emizuzwini embalwa edlule, futhi into ethize isanda kunginyakazisa. Bangaki omaziyo uRaymond Richey na? Uhlezi emuva lapho egumbini, ngisanda kumkhulekela nje. Futhi usebenze ngokweqile, futhi wazibangela ukuba abe nokwephuka nokushaywa unhlangothi; isimo esibi kakhulu, mfowethu othandekayo.

⁶ Isikhathi, uMfowethu Raymond wayemi khona lapho emsamo ngalobobusuku ngenkathi iNgelosi yeNkosi yehla phambi kwezinkulungwane zabantu ngenkathi ngithi uma . . . ngenkathi uDkt. Best wayephikisana ngokuthi, noDkt. Bosworth, mayelana nenkonzo yami, futhi ngathi, “Angizisho ukuthi ngingumphulukisi.” Ngathi . . .

Wathi, “Akukho lutho kodwa isigejane sabagingqiki abangcwele abayokukholwa lokho.”

⁷ Ngathi, “Mangaki amaBaptisti lapha, angamalunga alamabandla amaBaptisti, angasho, futhi angafakazisa ukuthi baphulukiswe yiNkosi, phakamisa isandla sakho.” Futhi cishe, o, ngiqagele, amakhulu amathathu noma ngaphezulu asukuma, ngase ngithi, “Kuthiwani ngabo na?” Niyabo?

⁸ Futhi ngakho-ke u...Ngathi, “Abantu bakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu.” Ngathi, “Angisuye—angisuye umphulukisi ngokukaNkulunkulu, angikaze ngikusho lokho.” Ngathi, “Incwadi yami efundwayo ishicilelwa ngezilimi eziningi ezehlukene,” ngathi, “Angikaze ngizisho ukuthi ngingu—ngumphulukisi.” Ngathi, “Ngi—ngizisho kuphela ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu.”

⁹ Ngase ngithi, “Manje, uma isipho sikaNkulunkulu, Angipha sona ngokubona okufihlakele,” ngathi, “manje, uma lokho kubuzwa, uNkulunkulu uzozikhulumela Yena uqobo.” Cishe ngalesosikhathi nangu Uyehla, ehla *kanjalo*. Yilapho-ke abathatha khona isithombe saKho.

¹⁰ Futhi wathi kimi, waguqa ngamadolo emuva lapho, emva kokuba sengimkhulekele, wangigaxa, wathi, “Nginomlayezo wakho.”

“Ini na?”

¹¹ Wathi, “Yeka ukushumayela kanzima kakhulu, futhi isikhathi eside kakhulu.” Wathi, “Uzohamba ngqo ngendlela efanayo engihambe ngayo.” Ngacishe ngakwenza ngesinye isikhathi, empeleni. Wathi, “Mfowethu Branham,” wathi, “kuleyomibono nezinto, ngiyayibona indlela okusebenza ngayo kuwe.” Wathi, “Ngangilokhu ngiqhubeka nje,” wathi, “ngibe nokuhlakazeka okukodwa,” wayeseqala-ke phesheya kwezilwandle, waba nokunye, futhi nango, uNkulunkulu akamthinti, useqedile nje ukuphila.

¹² Ngakho, wathi, “Awusakwazi ukwenza okunye.” Wathi, “Kuyobakhona abanye abayothi, ‘Lokhu, lokho, noma lokhu, noma lokho, noma kanjalonjalo,’ kodwa,” wathi, “lokho ngeke kukwenze kube ngcono.” Wathi, “Inqobo nje uma uvumela i... wenze inkonzo yakho, ukhombise abantu ukuthi uNkulunkulu ukuthumile,” wathi, “khona-ke lokho kuyakuxazulula, kuyeke nje kuhambe kulokho.” Wathi, “Uma—uma bengeke,” wathi, “uma bengal...” Wathi...

¹³ Wangethembisa phakathi lapho nezandla zami kwezakhe, wathi, “Ungabe usakwenza, Mfowethu Branham. Khumbula, ngixwayiswe yiNkosi ukuba ngikutshela, uzoshaya uhlu olufanayo engiyilo,” niyabo, “uma usakwenza lokho, qala wenze lokho.”

Ngase ngithi, “Okeyi, Mfowethu.”

¹⁴ Ungamtsheli umkami lokho, unoBilly, nabo bebekwe esiteji ndawo zonke, noLeo, noGene, nabo bonke, uma bengibona

ngikhandleka kancanyana, awu, khona-ke bafanele bangisuse emsamo, noma ngabe ngifuna ukuhamba noma qha. Futhi uma bebazi ukuthi bengiyodiyazela ngale emsamo kanjalo, ngani, ubeyokhala, eqhubeka. Ngakho si... Ugenza nje *okuningi kakhulu*, uyazi, futhi awusakwazi ukwenza okunye, yilokho kuphela.

¹⁵ Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi uPaul Rader... Bangaki abake bamazi na? Impela, uPaul Rader wayeyindoda enkulu kaNkulunkulu. Waxoxa indaba encane ngesinye isikhathi, wathi wayehamba ngesitimela, futhi wathi wayenenge indoda, futhi wathi lendoda yazama ukuzibuyisela kuye ngoba yalala ekhoshini yesitimela esandlu ngalobobusuku. Wathi ekudleni kwasekuseni ngokusa okulandelayo, iqembu labefundisi laliya ndawondawo engqungqutheleni, wathi lendoda eyayihlezi eduze kukaPaul ngqo, futhi yathi, "Awu, akabongwe uNkulunkulu." Yathi, "*Ahe!* Ngihlale emotweni enesihlalo izolo ebusuku," yabe isithi, "Ngongoele iNkosi imali."

¹⁶ UPawulu wathi, "Akabongwe uNkulunkulu, ngathatha ikhoshi yesetimela esandlu ngase ngisindisa umuntu weNkosi." Yimuphi Amkhathalele kakhulu—kakhulu na? Imali yakhe noma umuntu waKhe na? Umuntu wakhe, njalo. Sijabula kakhulu ngakho.

¹⁷ Futhi manje, ngibe nesikhathi esikhazimulayo izolo ebusuku, ngicabangile, mina uqobo. Futhi lapho nje ngisahamba nje, u—umdonso wabantu, kaMoya oNgwele, Wehlela phansi ngqo phakathi kwabantu, futhi uqala ukunikeza ukubona okufihlakele khona impela emhlanganweni. Kwakukhazimula kanjani lokho! Niyabo, nakimi, lokho kwenza wonke umuntu emhlanganweni akhulekelwe. Niyabo? Niyabo? Manje, ngathi, "Bangaki lapha...?"

¹⁸ Manje, uNkulunkulu wethembisa ukuthi Uyokwenza lokho. Manje, lelo yiZwi laKhe, akusilo na? Manje, uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe, Akaligcini na? Ngase ngithi, "Manje, bangaki lapha abangamakholwa na? Phakamisani izandla zenu." Wonke umuntu baphakamisa izandla zabo. Ngathi, "Manje, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Manje, iBhayibheli lathi, 'Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.'" Sase-ke sikhulekela wonke umuntu, leso kwakuyisandla esihlangene ndawonye senzela uMbuso kaNkulunkulu. O, he, kimi, lokho kuphelele nje. Niyabo?

¹⁹ Bengisesitshini sikapetroli namhlanje, ngithola upetroli, ngapha ndawondawo, nomfo omncane uyaphuma, wangibuka, wathi, "UnguMfowethu Branham!"

Ngathi, "Yebo." Cishe imayela ngapha, noma okuthize.

²⁰ Futhi wathi—wathi, "NginguMfowethu Roberts," futhi wathi, "umama wami ngempela waphulukiswa ephethwe yisifo senhliziyo selokhu usezansi lapho ebandleni i-Assemblies

of God.” Wathi, “Ungenwe umkhuhlane omubi,” wathi, “akakaze abe nechashaza elilodwa lenkathazo yenhliziyi selokhu abizelwa ngaphandle,” noma ngabe kwakuyini, niyabo, akukho nokukodwa.

²¹ Futhi wathi, “Unomkhuhlane omubi,” wayesethi, “uma azi ukuthi ngihlangane nawe ezansi lapha, futhi uyazi ukuthi uyamkhulekela,” wathi, “uzoba ngaleya emhlanganweni, kulobubusuku.” Wathi, “Ufuna ukuzama ukwehla ngeSonto ebusuku uma engahle ekwazi.” Cishe ungowelinye ibandla, kodwa waphulukiswa lapha, ngakho siyajabula ngalokho.

²² Futhi sibona izimfakazo zingena ngaso sonke isikhathi zabehlukene. Futhi ngihlangana nabantu owaphulukiswa emuva ngo 1946 no '47 ngenkathi silapha, emuva le phakathi lapho, esaqhubeka, abakaze babe nenkathazo kusukela lapho.

²³ Kwakukhona inenekazi ndawondawo, ngisanda kuthola incwadi yalo nje, ngiyakholwa namhlanje. Lihlezi phakathi lapha, ibandla ngiyacabanga, kulobubusuku. Lifika... Laphulukiswa lapha ngenkathi ngilapha ngo '46 noma ngo '7, ndawondawo, linomdlavuza. Kwase kuthi-ke kamuva laba nesimila esikhulu, nethumba lalilikhulu kakhulu ngangokuthi babefanele balithwale nomaphi lapho elaliya khona, *kanje*. Futhi lalilikhulu kakhulu ukuba lihlinzwe, ngakho balenyusela eJeffersonville.

²⁴ Futhi ngangiphakathi lapho etabernakele elincane ubusuku obubodwa, futhi amanye amadoda ayenalo ehlezi ngale ekhoneni, futhi asho ukuthi—ukuthi ngi... Lisanda kwedlula nje emavikini ambalwa edlule futhi langikhombisa ukuthi kwakwenzekeni. Futhi lalilikhulu kakhulu, kwaze kwathi abanye babadikoni nabaphatheli bebandla... Wayefuna ukukhulekela, futhi etabernakele ngezinye izikhathi angibakhulekeli abantu kungengaphezu kokusukuma nje ngeSonto ekuseni, mhlawumbe, ngenkathi ngilapho; hhayi lapho kaningi kakhulu.

²⁵ Futhi baliqukula ngapha nangapha base belihlalisa emhlabathini, emuva phandle emva kwendawo engangiphuma kuyo, futhi ngidlula, uMoya oNgcwele kwenzeka wabheka eceleni, wangibangela ukuba ngibheke emaceleni, futhi ngilibone, walitshela ngakho, ngabeka izandla phezu kwalo, futhi liphila ngokwejwayelekile nje njenganoma yimuphi omunye umuntu.

²⁶ Futhi ngathola incwadi yalo. Angazi noma inenekazi liphakathi lapha yini kulobubusuku, lingasiphakamisa isandla salo na? Lalisebandleni ngobunye ubusuku, lona nomyeni walo, balapha, ngiyakholwa. U—udlula ngenqola, futhi wama ngaphandle kwendlu yami maduze nje futhi—futhi ubekhuluma nami.

27 Futhi ngikholwa ukuthi lithe lifundile ukuba ngumngani kamama kaMfowethu Mercier, noma into efana naleyo, belingitshela encwadini. Futhi ngicabange ukuthi mhlawumbe lizobe lilapha. Incwadi yabhalwa ngeviki eledlule. Kodwa ngi... (Ini?)

28 Ngale ophikweni lwangakwesokudla, abantu ba, ukuthi uMfowethu Mercier, noma, uMfowethu Goad washo. Inenekazi lisophikweni lwangakwesokudla elalinethumba elikhulu, lalisekhaya futhi laphulukiswa. Uma lingale ophikweni lwangakwesokuhla lapho ndawondawo, kungani ungaphumeli lapha futhi uvumele abantu babone ukuthi uNkulunkulu angamenzelani umuntu othize ngempela o—owaphulukiswa ngempela, ngenkathi lilikhulu kakhulu lalidingeka lithwalwe ngapha nangapha. Ngabe lokho...? Hhayi emuva lapho na? Awu, bafanele ukuthi bavele baphuma nje. UMfowethu Goad uthe bebehlezi lapho esikhashaneni esedlule. Uma nibabhekisisa, ngingathanda ukuba yena anikeze ubufakazi.

Njengoba nje ngiyisicaba njengoba nginjalo, futhi laselithi nje alibe *kanje*, e-hhe, linethumba. Nokuthi kanjani iNkosi... Uma nje si... .

29 Manje, bukani, manje ngitheni ngoNkulunkulu na? Uzo ha...Uma omunye umuntu onethumba elikhulu kangako, uzokwenza ngendlela efanayo enza ngayo, uNkulunkulu uzofanele enze ngendlela, ngendlela efanayo kuwe njengoba Enza kulo. Uma Engakwenzanga, Wa ma...Wenze okungalungile ngenkathi Eliphulukisa. Niyabo? UNkulunkulu angeke alenze iphutha, ngakho lokho Akwenzayo komunye, Uzofanele akwenze komunye. Manje, sinye kuphela isidingo: Uma nje uzokwaba ukukholwa okulula okufanayo, yilokho kuphela.

30 Owesifazane omncane enhla lapha ndawondawo endaweni ebizwa nge-*Eureka*, ngikholwa ukuthi leyo yi-Eureka, eCalifornia, ngehla eminyakeni edlule futhi angikaze ngibone muntu...babengakwazi ngisho nokuligudluza embhedeni. Awu, ikhanda lalo elincane, lapho elalivuvukele khona, ngiyaxolisa ngalokhu bodadewethu, uma nithanda, ibele lowesifazane lalinamathele phezulu *kanje*, niyabo, lapho elalivuvukele khona ngalalithumba. Nomyeni walo wayeshayela itekisi.

Futhi ngathi, “Mfowethu, angiboni ukuthi kanjani...” Ukukholwa kwami kwaze kwehla ngisho qobo lwakho ngenkathi ngikubuka lokho. Ngase ngithi, “Uke waba nodokotela na?”

Wathi, “Asikholelwa ekubeni nodokotela.”

Ngathi, “Awu, kulungile.”

Wathi, “Uma lifa, liyafa, kodwa sethamba uNkulunkulu.”

Ngathi, “Kulungile, lokho ngukukholwa ngempela.”

Wathi, “Into kuphela engifuna uyenze ngukungena lapho bese ubeka izandla zakho phezu komkami futhi umkhulekele, Mfowethu Branham, futhi uzophulukiswa.”

³¹ O, he! Ngi—ngizofanele ngivume ukuthi wayenokukholwa okuthe xaxa kancane kunalokho enganginakho, kunjalo. Ngangisanda kuqala nje, ngangithi angibe nonyaka, ngangingakaboni lutho olunjengalokho lwenziwa. Futhi ngahamba futhi ngabeka izandla phezu kwalowo wesifazane, futhi niyazi ukuthini?

³² Manje, lena yindaba yakhe esencwadini iletha, lingahle libe khona lapha manje, uhlangothi lwalo lwehlukana, namagalani amanzi athululwa evela kulo. Kwaphulukiswa kwabuyela ngqo phezulu futhi, futhi lona li, cishe, phansi cishe kumaphawundi ayikhulu nento, ikhulu nanhlanu, amaphawondi ayishumi. Alenzi umsebenzi walo kuphela, kodwa lenza wonke umsebenzi womakhelwane. Ngakho-ke, yenyuka ngqo futhi wehle ngesitaladi, ukhuphuke futhi unakekele abantwana babo, ubawashele nezinto ezinjalo. Hamba nje . . .

³³ Manje, uma umuntu ofanayo, omunye umuntu, esondela kulezozisekelo ezifanayo, Uzofanele enze into efanayo, noma uma kungazange, khona-ke Wenza iphutha. Wenza okungalungile ngaleyonkathi ngenkathi Ephulukisa lowo—lowo wesifazane oyedwa, futhi wamphulukisa ngaleyondlela, khona-ke Wenza okungalungile ngenkathi E—ngenkathi Emphulukisa, uma E—uma Enza- . . . uma Engakwenzanga u . . .

³⁴ Uma E—uma Amphulukisa, khona-ke uma Engakuphulukisi, Wenza ngokungalungile ngaleyonkathi ngenkathi Ephulukisa owokuqala, uma uzohlangabezana nezidingakalo ezifanayo zokukholwa owesifazane ahlangabezana nazo. Kwesekeleke kuphela entweni eyodwa, “Ngingakwenza uma ukholwa.” Yilokho kuphela. Ngakho, niyabo, khona-ke konke kulele emuva, akunandaba ukuthi kungakanani ubunzima, noma ukuthi sibekani kukho, akusikho lokho, kungukuphumula futhi ukholwe. Uthi, “Ngi . . .”

³⁵ Naku ngihamba lapho futhi, Mfowethu Roy. Niyabo? Ningifundele umBhalo na? Ngicelwe ukuba ngikhulume ngendaba, noma ngizisholo ukuthi ngizokwenza, njalo, phezu kwendaba ethi *UPhawu LweSilo NoPhawu LukaNkulunkulu*. Manje, yindaba enkulu. Futhi ngicabanga ukuthi singahle singayiqedi kulobubusuku, mhlawumbe sizodingeka siyedlulise kuze kube kusasa ebusuku.

³⁶ Nalabo abanezingxoxiswano manje, ngikhulwa ukuthi uMnu. Mercier uthe besizoqala ngelesishiyagalombili nqo ekuseni. Manje, nginezingxoxiswano zangasese lapho abantu befuna ukubona imibono, nezinto. Yilapho nonke ningakutholi khona, niyabo, lapha, sekulusuku lonke, futhi, niyabo, bese kuthi-ke, kulezizingxoxiswano zangasese. Ngakho manje

khumbulani, ngi. . . noma ubani ongowokuqala ekuseni, kuqala ngelesishiyagalombili. Manje, usanda kungitshela emizuzwini embalwa edlule.

³⁷ Manje, kulendaba enkulu ethi *UPhawu Olungumaka LweSilo NoPhawu LukaNkulunkulu*, sizwile kakhulu ngakho. Kube. . . Ngiwabonile amashadi abengafinyelela kuwo wonke lomsamo lapha mayelana no “Phawu Olungumaka LweSilo, UPhawu LukaNkulunkulu.” Kodwa kimi, kulula kakhulu, kuyinto nje e—elula ukubuka eZwini futhi ukubone, ngize ngingacabangi. . . Awu, cishe ngingamakhasi athi awabe mathathu noma amane emiBhalo ehlukene engifunayo, abhalwe lapha, engifuna ukunikhomba kuwo kulobubusuku. Ngisacabanga ngakho kulentambama, ngibhale phansi imiBhalo lapha, namakhasi ehlukene, ukuze ngithole, futhi ningakubhala phansi uma nifuna.

³⁸ Manje, yindaba enkulu, futhi ngicabanga ukuthi yi. . . futhi enye ye. . . isifundo esisemqoka okufanele kufundiswe ngaso. Manje, sibe nezintshumayelo zeVangeli, sibe nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Futhi manje, lokhu kufanele kube yi. . . kwesekelwe, njengokuthi, ukuFika kwesibili kukaKristu, ekuFikeni kwaKhe kwesibili.

³⁹ Mfowethu Smith, ngabe lowo ngumkakho na? Awu ngi. . . Sawubona, Dadewethu Smith? Ngi—ngi. . . Akumangalisi eyi—eyindoda ekahle, unobukeka kahle kakhulu, obukeka emesaba uNkulunkulu, inenekazi elincane njengonkosikazi. Ngi—ngingahle ukuba ngihlangane nawe ngaphambilini. Bathi emva kwayo yonke indoda elungileyo kukhona unkosikazi olungileyo. Lokho—lokho kuhle kakhulu.

⁴⁰ Ngiyazi umkami u. . . Uma kukhona udumo oluya emndenini kaBranham, lunikeni yena, ngoba nguye o. . . Kodwa mncane kunami ngeminyaka eyishumi nekhandla elimhlophe njengeqhwa, futhi unjalo, ngenxa nje yokuthi umingephakathi kwami nomphakathi, futhi angazi ukuthi bengingezani ngaphandle kwakhe. UNkulunkulu ngempela wangipha unkosikazi omangalisayo.

⁴¹ Bayinto emangalisayo, Mfowethu Smith. Nje, ngani, uma Wayenganika umuntu noma yini engcono, Ubeyokwenza. Kunjalo. Kunjalo. Kunjalo. Lelo yiqiniso. “Othole umfazi, ufumene into enhle,” kusho indoda ehlananiphe kunawo onke esake saba nawo. Ngi—ngicabanga ukuthi unkosikazi uyinto enhle kunazo zonke indoda engaba nayo ngaphandle kwensindiso. Kunjalo, kunjalo, uyathandeka.

⁴² Manje, ngizokwesekela umBhalo. . . Kuqala ngizonitshela ukuthi ngicabanga ukuthi uphawu olungumaka lwesilo luyini, nokuthi yini, ngicabanga ukuthi umBhalo usekela uphawu olungumaka lwesilo ukuba lube yikho, khona-ke ngizonitshela engicabanga ukuthi umBhalo usekela uPhawu lukaNkulunkulu.

43 Manje, siyazi ukuthi lezizinto ezimbili ezinkulu ziyaphela masinya zibe zimbili ezinkulu, ukubamba okukhulu. Izwe libanjwe yilezizinto ezimbili khona manje, uphawu olungumaka lwesilo, noma uPhawu lukaNkulunkulu. Abanye babo bakubeka ngaleya esikhathini esizayo, abanye bathi sekuvele sekwedlule. Kodwa ngikholwa ukuthi zimbili nje izimpendulo kukho, futhi lokho kungukuthi uPhawu lukaNkulunkulu lungumbhaphathizo kaMoya oNgcwele, uphawu olungumaka lwesilo luyawenqaba. Manje, yilezizinto ezimbili kuphela, ngizoninika umBhalo ukuthi kungani manje, njengoba sedlula.

44 Manje, omunye wabo ngukuthi, khumbulani, bonke abantu emhlabeni ngezinsuku zokugcina kuphakathi kokuthi uzobekwa uphawu ngoPhawu lukaNkulunkulu, noma abekwe ngophawu olungumaka lwesilo.

45 “Futhi wabangela bonke, bobabili abampofu, abakhulu, abagqilaziwe, abakhululekile, bonke phezu komhlaba ukuba bemukele loluphawu olungumaka ababengenalo uPhawu, nabamagama abo angalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu selokhu kwasekelwa umhlaba.”

46 “Kusukela ekusekelweni kwezwe,” ngenkathi iWundlu lihlathswa, futhi ngenkathi amagama abo efakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu, manje, lezizinto ezimbili ezinkulu.

47 Manje, sizogala kuqala phezu kokuthi *UPhawu LukaNkulunkulu*. Manje, yini uphawu na? Indawo yokuqala, uphawu eBhayibhelini, emuva ezinsukwini ngaphambi kokuba abantu babe, befundile njengoba benjalo manje, bona ngokwejwayelekile, uphawu lwabo kwakuyisiginesha yabo njengoba nje siyisebenzisa namhlanje njengegama lethu. Ngezinye izikhathi amaRoma, futhi kuqhubekela emuva emaJudeni, nasemuva le emazweni asempumalanga angasekuqaleni, ayeba neringi, eyayinophawu lwabo, *ha*, futhi balugxivize entweni ethize. [UMfowethu Branham ulingisa ukugxiviza uphawu—Umhl.] Uma bengakwazanga ukusayina igama labo, lolophawu.

48 Uphawu lwaluyisititimende esiqinisileyo, esasibekwe uphawu ngaloluphawu. Futhi uku—ukuzama ukukopisha lokhu, kwakuyinhlawulo yokujezizwa ngokubulawa, njengoba bekungaba njalo nje manje ukuzama ukwenza isheke elingumgunyathi, igama lomunye umuntu eshekeni, kwakuyinhlawulo enkulu ukuzama ukukopisha loluphawu. Futhi ngokwejwayelekile indoda yayilufaka, yayinophawu lwayo, ilufake ngemuva esihlakaleni sayo, noma—noma eringini yayo. Futhi yayikubeka uphawu esikhundleni sokusayina igama layo, lokho kwakungukuhombisa ukuthi—ukuthi kwaku, yayikubeke uphawu.

49 Manje, manje, uJesu washo ukuthi ngezinsuku zokugcina, ngokukaMathewu oNgcwele isahluko 24 nevesi 24,

ukuthi lemimoya emibili, lona, leyo eyayibekwe uphawu noNkulunkulu, naleyo eyayizobekwa uphawu olungumaka yisilo, umphikukristu, uyosondelana ndawonye kakhulu uyoze udukise nabaKhethiweyo uma kwakunokwenzeka, niyabo. Manje, bazofana kakhulu impela.

Manje, abanye abantu uthi, “Awu, ubukhomanisi buwuphawu olungumaka lwesilo.”

⁵⁰ Unephutha, ubukhomanisi abusilo uphawu olungumaka lwesilo, nokho yilo, kodwa awubhekile phezulu. U—uphawu olungumaka lwesilo luyi—luyimvelo yenkolo, lukholwa impela, luhlakaniphe kakhulu futhi luyiqili, luze ludukise nabaKhethiweyo impela uma kwakunokwenzeka, lusondele kakhulu nje luyoze ludukise nabaKhethiweyo uma kwakunokwenzeka. Kusobala, ba . . .

⁵¹ UBilly Graham wathi esikhathini esingeside esedlule, bengimuzwa emaSontweni ambalwa edlule emsakazweni wami ehlela lapha, futhi wayeshumayela, wathi, “Uzwa okuningi kakhulu ngosikilidi, neViceroy,” noma ngabe kwakuyini, futhi “amacebo kulokhu kuphetha, nomlilo kulokhu ukuphetha, nakho konke kanjalo,” wathi, “umuntu oyokubhema nje wayeyisiwula.” Futhi ngicabanga ukuthi uthi akabe neqiniso. Washo ukuthi “Ngisho babenokuningi kakhulu ukukhangisa ngezinto ezinjalo, udeveli waze wadukisa abaKhethiweyo.”

⁵² A—angikholwa ukuthi uMfowethu Graham wayekuqondile kanjalo nje, ngoba abaKhethiweyo abayikudukiswa. Qhabo, mnumzane, abayikudukiswa, bamiselwa ngaphambili nguNkulunkulu, futhi abayikudukiswa. Ngakho, kodwa uJesu wathi kuyosondelana kakhulu ndawonye, kusondele kakhulu ngokufanayo, manje khumbulani, ukuthi bekuyosondelana kakhulu ngangokuthi nabaKhethiweyo impela bebengadukiswa uma bekungenzeka.

⁵³ Manje, sifuna ukuthola ukuthi bavelaphi. Kwaqalaphi konke lokhu na? Njengoba nginitshelile ukuthi yonke inkolozwe nayo yonke inkolo yaqala kuGenesisi, yonke into esinayo. I-Assemblies of God yaqala kuGenesisi, iBaptisti yaqala kuGenesisi, ngingakufakazisa. Yebo, mnumzane. Yonke inkolozwe, ngisho, esinayo, ngingakufakazisa, iqala kuGenesisi. Kunjalo. Hlolani uGenesisi nje, bese-ke nikuthola konke, niyabona ukuthi hlobo luni lwembewu okuyilo, niyabona ukuthi luzoyaphi. Niyabo? Futhi nje nikubhekisise, futhi kuyovele nje kukuvimbele kude le eBhayibhelini, impela nje. Bobabili baqala kuGenesisi. Futhi sithola ukuthi uGenesisi uyisahluko sembewu.

⁵⁴ Manje, sithola ukuthi ukubeka uphawu olungumaka lokuqala lwesidalwa esingumuntu lwaqala kuGenesisi, uGenesisi 4:15, uNkulunkulu wabeka uphawu olungumaka

uKayini. Yilapho uphawu olungumaka lokuqala lwesilo olwake lwabekwa khona, lwabekwa kuKayini, ungukuqala kwalo.

Manje, wena uthi, “UKayini enophawu olungumaka lwesilo na?”

⁵⁵ Kulungile, ake siqaphele, manje, Wathi, “Inzalo yakho iyakuchoboza ikhanda lenyoka, nekhandla layo liyakulimaza isithende sakho.” Bhekisisani uzalo lukaKayini, lapho uKayini ehla, eba ngososayense, amadoda ahlakaniiphile, amadoda amakhulu, kwehle njalo kanjalo. Kodwa inzalo kaSeti lapho yehla, iba ngabafokazana, abelusi bezimvu, abalimi. Ngakho, niyabo, kukhona... Manje, bhekisisani, iBhayibheli lathi, “Ngiyobeka ubutha,” uNkulunkulu wakwenza, “phakathi kwenzalo yakho nenzalo yenyoka.” Manje, ngakho... .

⁵⁶ Manje, bazalwane abakhonzisayo, thulani nje umzuzu nje, ngi—ngiyazi bahlala behla njalo entanyeni yami kulokhu. Kodwa iBhayibheli lasho ukuthi inyoka yayinenzalo, lokho kuyakuxazulula. Inzalo yenyoka, makube noma ngayiphi indlela ofuna ukuyithatha ngayo, sizokuvimba kulokho; ngithole umqondo wami, nami. Kodwa ba... Kodwa, noma ngabe yini eyoba yiyo, iBhayibheli lasho kuGenesisi 1, ukuthi, esokuqala sikaGenesisi, ukuthi inyoka yayinenzalo.

⁵⁷ Futhi manje khumbulani, inyoka yayingesiyo inyoka kwasekuqaleni, isilwane esihuquzelayo, yayiyinto elandelayo esidalweni esingumuntu. Isayense izamile izinkulungwane zeminyaka ukuthola lesosixhumanisi esilahlekile phakathi komuntu nesilwane, okusondele kakhulu ezingasondela kwishimpanzi, kodwa abakwazi ukusuka kwishimpanzi baye esidalweni esingumuntu. Ngani na? Kwakuyinyoka.

⁵⁸ Manje, uma niqaphela kuGenesisi 3:1, “Isilo... Inyoka yayinobuqili kunazo zonke izilwane zasendle.” Isilwane, hhayi isilwane esihuquzelayo. Yayifana kakhulu nomuntu, yayibukeka njengomuntu, yayiyilesosixhumanisi esilahlekile phakathi kwalapho, ngoba yileyo ndlela kuphela. Inzalo yomuntu ngeke yaqondana nenzalo yesilwane. Kodwa lomfo wayenguye kuphela udeveli ayengamsebenzisa, ngoba nje kwakuphakathi komuntu nesilwane. Ezizukulwaneni... .

⁵⁹ Ngiyakholelwa enguquququkweni yemvelo. Into yokuqala mhlawumbe, ngenkathi kwakungekho lutho kodwa nje inxushunxushu esobala, ukuqhuma kwentaba-mlilo... Niyazi, uNkulunkulu unguSonkontileka omkhulu. Uyakukholwa lokho na? Usonkontileka omkhulu njalo ubeka zonke izinto zakhe lapho akha ingxenye yakhe. UNkulunkulu, ngenkathi Ezungezisa umhlaba, edala ikhalsiyamu, ipotashi, nepetroliyamu, kanjalonjalo, Wayebeka imizimba yethu emhlabeni ngayo leyonkathi, impahla esenziwe ngayo.

⁶⁰ NoMoya oNgcwele omkhulu waphuma kuNkulunkulu ukuba ufukamele phezu komhlaba, noma ukukhala, wenze

uthando, njengesikhukhukazi, amatshwele aso. NezaWo, ake sicabange ukuthi Wawunamaphiko, Wawungenawo, kodwa ake sicabange ukuthi Wawunamaphiko, njengesi—njengesikhukhukazi phezu kwamachwane aso, Uqala ukufukamela phezu komhlaba. Futhi ngiyayibona ikhalsiyamu ethize iza, yehla endaweni encane, ixubana nomswakamo othize nepotashi, nembali encane yePhasika iyaphuma. Futhi sengiyaMuzwa ethi, “Woza lapha, Baba, buka lokhu.”

“Kuhle kakhulu. Qhubeka ufukamela.”

⁶¹ Emva kwesikhashana, ufukamele kakhudlwana. Okuphumayo ngokulandelayo mhlawumbe kwakuyi—izimbali nezimila, nezinyoni zandiza zaphuma othulini lomhlaba, bese-ke kufika impilo yesilwane, futhi kwaqhubeka kuthola impilo ephakeme, impilo ephakeme, impilo ephakeme, impilo ephakeme, kuze kuthi ekugcineni umuntu akhuphuke ngawo impela umfanekiso kaNkulunkulu. Into ethize eyisimanga ayikhuphukanga ngaphezu kwalokho, kwakungenjalo na? Ayisakwazi ukuphakama, kwakungumfanekiso kaNkulunkulu.

⁶² Ngakho njengoba kunjalo, inguquququko yemvelo ikukhuphula kanjalo, kodwa akukwazi ukuwela futhi kuzenze kube phezulu ngokwedlulele, uNkulunkulu wathi yonke imbewu iletha inhlobo yayo. Manje, kulokho kwenyuka-ke, indoda.

⁶³ Manje, isono asiqalanga emhlabeni, saqala eZulwini, futhi wakhahlelwa wakhishwa eZulwini futhi weza emhlabeni. Kwakungekho okunye ayengangena kukho, isilwane sasiyoba kude kakhulu naye, imbewu yayingeke ixubane, ngakho wadingeka angene enyokeni eyayiyisidalwa esifana kakhulu nomuntu.

⁶⁴ Futhi ngenkathi uNkulunkulu eyiqalekisa futhi wayibeka ngesisu sayo, Waguqula onke amathambo kuyo. Isayense izama ukumba amathambo, futhi, ngani, kufihlwe ezimfihlakalweni zikaNkulunkulu, futhi kuzokwembula kunoma ubani ofuna ukwazi ngakho, impela. Kukhona. . .

⁶⁵ Manje, bhekisisani, yayingonobuqili kakhulu, ihlakaniphe kakhulu, enobuqili, enokuhlakanipha, ehlananiphe ukwedlula isilwane, yayiseduze ngqo nomuntu, niyabo, enobuqili kunazo zonke izilwane zasendle. Futhi manje, khumbulani ukuthi uKayini wanikwa uphawu olungumaka. Futhi manje, wena uthi, “USathane wayengeke abe kuleyonyoka.”

⁶⁶ Uma nizohamba nami manje ngale kwabaseKorinte besiBili 11:14, iBhayibheli lathi waziguqula isimo waba yingelosi yokukhanya. Nimbukela phansi nje uSathane, yilokho kuphela. Niyabo? Yebo, mnumzane. Wazenza waba sengelosini yokukhanya. Wayengangena kulolohlobo lwento, pho kungani engangeni esilwaneni, into elandelayo kumuntu na?

⁶⁷ Manje, sithola ukuthi ngenxa yokuthi uKayini walalela isitha, manje-ke kwenzekani na? Uba ngumbulali wokuqala,

uba ngowokuqala owaba nomona emhlabeni. Ngitsiheleni ukuthi kuphi, lowomugqa omsulwa osuka kuNkulunkulu uya ku-Adamu, yilokho kuphela ukuxhumana, U-Adamu wayeyindodana kaNkulunkulu, iBhayibheli lasho njalo, pho lowomona wavelaphi na? Wavelaphi lowombulali na? Lwavelaphi lonke lolohlobo lomoya na? Ku-Adamu na? Wayengekwenze. Kuvela kuSathane, kulapho impela okuvela khona.

⁶⁸ Manje, sithola ukuthi wayengumbulali wokuqala, futhi waba ngowokuqala ukuba nomona, njengoba uLusifa waba nomona ngoMikayeli, wawehlisele ngqo emhlabeni futhi wawedlulisele kumuntu. Futhi uSathane...UKayini ngokuthatha lobububi, wathatha uphawu olungumaka lokuqala. UNkulunkulu wambeka uphawu olungumaka, akekho owayezombulala, myeke kanjalo. Kodwa khumbula, yena, wathi nje Angamubeka uphawu olungumaka, waphuma eBukhloneni bukaNkulunkulu; bambelela kulokho manje.

⁶⁹ O, asinaso isikhathi sokuwufundisisa ngempela ngoba, o, mfowethu, besingamba lokhu lapha izinyanga eziyisithupha, niyabo, singalokothi sithinte ingaphandle lakho. Niyabo?

⁷⁰ Qaphelani, waphuma eBukhloneni bukaNkulunkulu ngenkathi ebekwe uphawu olungumaka, waya ezweni lakwaNodi, wayesezitholela umfazi. Lona impela uhlobo lwebandla, liphuma kuNkulunkulu, lithola umfazi wezwe. Niyabo? Kubhekisiseni. Kuyakhazimula! Manje, sizofanele siguquke ngokushesha manje, ukuze singathathi isikhathi esiningi kakhulu.

⁷¹ Manje, sithola ukuthi ngaleyonkathi u-Abela, umfowabo kaKayini, uKayini wabulala u-Abela, uNkulunkulu wanika u-Adamu enye indodana esikhundleni sika-Abela, egama layo lalinguSeti. Futhi kwakuyisibonakaliso, nesibonakaliso esivela kuNkulunkulu sokufa nokuvuka. Ngakho, uSeti akazange aye ezweni lakwaNodi ukuyolanda umkakhe, uNkulunkulu wamnika unkosikazi, kodwa uKayini, enophawu olungumaka lwesilo kuye, waphuma futhi wazithathela umfazi ezweni lakwaNodi, noSeti wathatha ukukhetha kukaNkulunkulu. Umfanekiso ophelele webandla lehlelo namhlanje, liphuma, lingenisa noma yini; kodwa iBandla leqiniso likaNkulunkulu ophilayo, uMzimba kaKristu, uthatha kuphela lokho uMoya oNgcwele akubeke uphawu, okuphelele. UNkulunkulu umisile eBandleni.

⁷² Safika ngani isibonakaliso na? Amabandla aphawula ngomaka ngani na? Sasiyini lesisibonakaliso na? Siyazi uKayini wayenophawu elingumaka, manje-ke sasiyini isibonakaliso na? Ngovuko. Yilokho iBandla elisayinwe ngakho namhlanje, isibonakaliso sikaMoya oNgcwele ukuthi uKristu akafike, kodwa Wavuka kwabafuleyo futhi wafakwa eBandleni.

Niyabo, ukubeka uphawu iBandla laKhe, lapho kuqala ngqo ngalabobafana ababili—ababili, khona lapho ensimini yase-Edene, khona ngaphandle kwensimu.

⁷³ Uphawu olungumaka lwesilo: uzulane, umhambuma, ongazi lapho uya khona, ongazi ukuthi ukuphi . . . lapho e . . . akwaziyo, ongazi ukuthi ufunani, ungumhambuma.

⁷⁴ Kodwa uSeti wahlala ekhaya, futhi wayenoyise, noNkulunkulu wamnika unkosikazi, lapho kuqala uzalo. Futhi uma ufuna ukuxosha lokho ngesinye isikhathi . . . Kungcono ngikuyeke kanjalo. Ngithanda nje ukukufakazisa kini futhi, ngiphindaphinde, ngiphindaphinde, ngiphindaphinde. Yebo, mnumzane. Kunjalo, yilapho okwaqala khona.

⁷⁵ Abanye abantu ucabanga ukuthi bathathe ama-apula ensimini yase-Edene, badla ama-apula, futhi into yokuqala niyazi, leso kwakuyisono sokuqala. O, mfowethu, ake ngikutshela, angikusho lokhu ukuba kube yihlaya, akusiyo indawo yokwenza ihlaya, kodwa uma ukudla ama-apula kuzobangela abesifazane ukuba baqonde ukuthi bahamba-ze, kungcono siwedlule ama-apula futhi, ngicabanga kanjalo. Ngicabanga ukuthi besifanele sikwenze. Kwakungesiwo ama-apula, sonke siyakwazi lokho. Qhabo, siyaqonda, ezethamelini ezixubile, ukuthi kwakuyini, futhi siyabona ukuthi kwenzani.

⁷⁶ Manje, siyathola-ke ukuthi lokhu kwaku . . . uphawu olungumaka ngumahluko, kwenza umehluko, kwehlukana into ethize. Kodwa njengokuthi, wena uthi, unophawu olungumaka olulodwa olumelene nawe, uphawu lokuphawula ngomaka, kodwa awuzange usho ukuthi unophawu olulodwa olumelene nawe, unophawu olungumaka olulodwa olumelene nawe. Futhi uphawu liyisibonakaliso sobunikazi, umaka ungukuhlukanisa. Futhi iBandla libekwe uphawu ngoMoya oNgcwele, likhombisa njengobunikazi, uNkulunkulu ungumnikazi weBandla. Kodwa uphawu lokumaka lwesilo lungophiyazayo, isilahlwa esala ukuthatha futhi size ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu.

⁷⁷ UKayini, wathi nje angabekwa uphawu olungumaka, waxoshwa, siyakuthola lokho. U-Abela wafa, noSeti wavuka ukuba athathe indawo yakhe, kwakuyisibonakaliso sokuvuka. Kulungile.

⁷⁸ Sithola ukuthi lezi zimpawu ezingumaka ezimbili, uphawu olungumaka nophawu kuqala kuGenesisi, futhi kwehla ngeBhayibheli futhi kugcina eSambulweni. Kanti futhi sinomBhalo lapha ngalokho, lapho okwaqala khona kuGenesisi, kuphelela eSambulweni, bekuhlala njalo kusesimweni esisodwa noma esinye, kukhuphuka.

⁷⁹ Njengoba ngangishumayela ngobunye ubusuku ngomnikelo wegazi, umhlathshelo wegazi. IBabiloni kukhulunywa ngalo kuGenesisi, elokuqala leBhayibheli, iBabiloni okwakhulunywa ngalo maphakathi neBhayibheli, iBabiloni kwakhulunywa ngalo

ekugcineni kweBhayibheli. Kuqala kuGenesisi, kufika ngale eSambulweni. Yonke into iqala, leyomimoya emibili . . .

⁸⁰ Bukani lapha, thina, ake sikuthathe nje umzuzu, ngisho nasemkhunjini, kwakukhona ijuba negwababa emkhunjini. Eyodwa . . . Zombili lezozinyoni, zombili zazikwazi ukundiza, zombili . . .

⁸¹ Niyazi ukuthi igwababa lingumzenzisi, linjalo, lingumzenzisi ongcilile nje. Manje, igwababa lingahlala phansi laphaya ehhashini elidala elifile, futhi nje lidle, futhi liklabalase, futhi libhakuze amaphiko alo, futhi libe nesikhathi esikhulu. Lelo elimpofu, ijuba elincane alikwazi ukusondela kulo. Kungani na? Alinanyongo, niyabo, belingekwazi ukukugaya. Uma belingadla lokho belingafa. Kodwa igwababa lingahlala lapho futhi lidle ihhashi elifile uhhafu wosuku, liphume liye esinsimini futhi lifike ekhaya futhi lidle idina kanye nokolo, negwababa . . . nejuba. Lingumzenzisi omdala, yilokho kuphela.

⁸² Senake naqaphela, ijuba alinanyongo ebabayo; kanjalo akekho obhaphathizwe ngoMoya oNgcwele, konke ukubaba sekuhambile. Bobabili babesemkhunjini ofanayo, njengomzenzisi nekhohla langempela ebandleni elifanayo, ihlelo elifanayo behlezi ndawonye, isihlalo, isihlalo sasesontweni esifanayo, behlezi ndawonye.

⁸³ Ngifuna niqaphele enye into. O, ngiyathanda ukukhuluma ngemvelo! Ijuba, beneazi yini ukuthi awulibambi ijuba ligeza. Kungani na? Alidingekile, linamafutha ngaphakathi kulo aphuma ngezimpaphe zalo, futhi lizigcina lihlanzekile ngaso sonke isikhathi. Yileyo ndlela iBandla langempela, Alidingi ukuba ligeze futhi libuyele emuva mayelana *nalokhu*, *lokho*, noma *okunye*, kodwa banamaFutha, amaFutha angcwele ngaphakathi, lonke ikholwa, aligcina lihlanzekile ezintweni zezwe.

⁸⁴ O, ukuba nje besingashumayela nge—ngeWundlu neJuba ngesinye isikhathi! UMoya oNgcwele ngaphakathi ekholweni uligcina lihlanzekile, hhayi okungaphandle lokho akuhlanzayo, kodwa kuvela ngaphakathi kuphumele ngaphandle. Amen.

⁸⁵ Inqwaba yabantu ithi, “Ngifanele ngihambe, ngenze ukuvuma namhlanje, ngifanele ngisho *ukuthi-nokuthi*, futhi ngifanele ngihambe ngiyovuma, ngifanele ngenze lokhu.”

⁸⁶ Kodwa niyazi, uMoya oNgcwele ngaphakathi nje ukhipha amaFutha ngaso sonke isikhathi, ukubuyisana, egcina ikholwa lihlanzekile. “Ngokuba manje akusekho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu, abangahambi ngokwenyama, kodwa ngokukaMoya.”

⁸⁷ Singena kanjani kukho na? Ngokuxhawulana kunye na? Qhabo. Ngephepha elilodwa na? Ngehlelo elilodwa na? Qhabo. “Kodwa ngaMoya munye thina sonke sibhaphathizwa sibe-Mzimba munye,” sikhululekile ekwahlulelweni. UNkulunkulu

usevele uwehlulele lowoMzimba, uNkulunkulu waWehlulela eKalvari, Awusayikudingeka wehlulelwe.

⁸⁸ “Ozwa iZwi laMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade,” azikho izinhlobo ezimbili zokuPhila okuPhakade, yinye kuphela, “unokuPhila okuPhakade, futhi akasayikuya ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” “Nxa Ngibona iGazi Ngiyakudlula, ngiyodlula kuwe.” O, he, lokho kungenza ngizizwe ngikholwa!

⁸⁹ Kungani na? Ukhululekile esonweni. Kunjalo. Ozelwe nguNkulunkulu akasenzi isono, akanakona, iMbewu kaNkulunkulu ihlala kuye, akanakona. Ngeke kwaba yimi phansi komnikelo wesono ngaso sonke isikhathi, bese-ke uba yisoni, ungeke. Awukaze umbone ongcwele oyisoni, awukaze uyibone inyoni emhlophe-mnyama, indoda engadakiwe engadakiwe. Qhabo, mnumzane. Kuphakathi kokuthi uyisoni, noma ungongcwele, yilokho kuphela. Futhi uma ukuKristu, kunomnikelo weGazi wokubuyisana usuku lonke, ukhala, “Baba bathethelele, abakwazi abakwenzayo.” O, khona-ke ungaphumula uqiniseke. Amen, ngiyakuthanda lokho. Kuhle kakhulu lapho, uMoya oNgcwele, ukuthi Usibeka uphawu kanjani.

⁹⁰ Qaphelani, igwababa, ijuba, ake siqaphele kuKayini no-Abela, lokho kwakungelutho ezweni ngaphandle kukaJuda noJesu. Impela. Asibhekisise intuthu. Njengoba uKayini wabulala u-Abela e-altare... Manje uKayini, uma ukulunga kuyilokho kuphela uNkulunkulu akudingayo, noma, ngokuba yisisekelo...

⁹¹ Yilokho ebengihlala ngikusho ngezigaba ezimbili zabantu, ngihlangana nabaqavile nePhentekoste. Abaqavile babonwe ngokwendawo eyiyona yona ngokufunda kwabo esikoleni, bayazi ukuthi bami kuphi, kodwa abanakho ukukholwa; amaPentecostal anokukholwa, kodwa awazi ukuthi angobani. Niyabo? Njengoba ngishilo, umuntu othile unemali ebhange, akakwazi ukubhala isheke, omunye, ubhala isheke, akanamali ebhange, bahlanganise.

⁹² Manje, siyabona ukuthi amaPentecostal yiwo onokukholwa, ayakholwa, kodwa, agcwele uMlilo, agcwele uMoya oNgcwele, kodwa awazi ukuthi azinza kanjani kuleloZwi, futhi athi, “Ngu ISHO KANJE INKOSI.” BaLiqhumisa lonke impempe ngokudazuluka, nokumemeza, futhi bagijime. Uma bebengake baze baLivalele ebhodloleni phansi, ubuyobona ibandla limi ngezinyawo zalo ngamandla nenkazimulo, kuyobakhona iNcwadi yeZenzo elotshwe emva kwayo.

⁹³ Manje, qaphelani... Ya, bengingaqondile ukuthi ba... Bakukhipha ngenjabulo, esikhundleni samandla, ukukholwa. Bamba lokho lapho futhi uLikhholwe, LiyiZwi likaNkulunkulu, hlala naLo ngqo.

⁹⁴ Bukani uKayini, wenyuka wase enikela ngomnikelo, wakha i-altare, engowebandla, engowehlelo, waguqa e-altare futhi wakhuleka, wakhonza uNkulunkulu, wanikela okweshumi kwakhe. Yilokho kuphela uNkulunkulu akudingayo, uKayini walungisiswa nje njengoba u-Abela wayenjalo. Kodwa niyabo, yonke imfihlo yayingukuthi, kwakuyisambulo.

⁹⁵ Ilaphe-ke inkathazo, abantu abaqondi ukuthi lonke iBandla likaNkulunkulu ophilayo lakhelwe phezu kwesambulo sokomoya sikaKristu. UJesu washo njalo kuMathewu oNgcwele 16, “Ubusisiwe wena, Simoni, ndodana kaJona, inyama negazi akukwambulelana lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini. Futhi phezulu-...Wena unguSimoni, phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi.”

⁹⁶ Lapho isambulo sokomoya sikaJesu Kristu, futhi UyiZwi (“Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu.”), futhi lapho leloZwi lingena kuwe, “Libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lahlulela ngisho imicabango nezizindlo zenhliziyi,” nanto iZwi lingena, isambulo salo lonke iZwi likaNkulunkulu liqinisele, lengisa umphefumulo wakho kunoma yisiphi isigaba saLo, isambulo.

⁹⁷ O, ngiyazithanda lezizinto. He, ngicabanga ukuthi kumisa ibandla lapho o—ongaba nenkonzo yokuphulukisa. Niyabo? UNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula, yilokho—yilokho kuphela kwakho, uNkulunkulu washo njalo, hlala nje nakho ngqo.

⁹⁸ Manje, kodwa kanjani...? Kwakungekho-Bhayibheli ngalolosuku, ngakho kufanele ukuthi kwembulwa ku-Abela, AmaHeberu 11 athi, “Ngokukholwa u-Abela wanikela kuNkulunkulu ngomhlatshelo omuhle kakhulu kunokaKayini,” efakaza ngaye ukuthi wayelungile.

⁹⁹ Manje, uKayini wathi, “Ngiqagele umama udla ama-apula, futhi wayefanele agqoke izingubo.”

¹⁰⁰ Kodwa u-Abela wayazi ukuthi kwakuyigazi, ukuphila, kwakukade kukhona okwenzekile okungalungile. Futhi wanikela ngegazi lewundlu. Sengiyambona eza naleliwundlu elincane.

¹⁰¹ O, i-altare likaSathane lalilihle kakhulu kunelika-Abela, wayenezithelo nezimbali, nakho konke kukuhle.

¹⁰² Kodwa lokho—yilokho—yilokho engizama ukukutshela iBandla: Dadewethu, awudingi ukufaka ubuqhathanzipho, nakho konke kube kuhle, gqoka ingubo njengenenekazi elilandelayo ukuze ubekahle noNkulunkulu. Awudingi ukuba ube nebandla elinezihlalo zasesontweni zezinkulungwane zamadola kulo, ne-ogani yepayipi ebiza izigidi eziningana zamadola, nakho konke lokhu lapha izinto zikanokusho, ezivela esihogweni. Kunjalo, ngingakufakazisa ngeBhayibheli. Kunjalo.

UKayini wacabanga lezizinto, “Ngizonikela ngalezizinto.”

¹⁰³ Kodwa ngiyabona ukuthi umnikelo ka-Abela wawungemuhle kangako, mhlawumbe wawungenayo ihempe ngalolosuku, ngakho ufanele ukuthi wayenomvini wamagilebhisi usongelwe entanyeni yewundlu elidadlana, waliholela phezulu lapho, wase elibeka phezu kwedwala. Wayengenamkhonto noma umese phakathi ngaleyonkathi, ngakho kufanele ukuthi wathatha i—isiqephu sedwala, wabuyisela ikhanda lalo elincane emuva, wase eqala ukunquma intamo yalo encane.

¹⁰⁴ Futhi lapho liqala ukukhala, likhahlela, negazi lihamba yonke indawo kuye, lopho, likhala, lifa edwaleni, lalimele ini na? Eminyakeni eyizinkulungwane ezine kamuva, iWundlu likaNkulunkulu lagencwa lafa eDwaleni lemiNyaka, lopho, likhala, likhuluma ngezilimi lapho Lalifa eKalvari.

O, Wundlu elifayo elithandekayo, iGazi laKho
eliligugu
Alisoze lalahlekelwa amandla alo,
Kuze kuba lonke iBandla likaNkulunkulu
elihlengiwe
Lisindiswe, lingabe lisona.

¹⁰⁵ Izinhlelo zethu zemfundo, izinhlelo zamahlelo ngeke zisho *lokho*, kuzothatha iGazi likaJesu Kristu, futhi akukho okunye ukukwenza. [UMfowethu Branham ushaya iminwe yakhe—Umhl.] Yebo.

¹⁰⁶ Bhekisisani intuthu ikhuphuka lapho. Futhi khumbulani, nakhu, ikholwa: u-Abela wafela edwaleni elifanayo newundlu lakhe. Lonke ikholwa lifanele lenze into efanayo, nifele edwaleni neWundlu lenu.

¹⁰⁷ Iwundlu alinakho ngaphandle kwento eyodwa, futhi lokho nguboya, futhi lifanele lilahlekelwe yikho konke elinakho, alikhahleli ukuqophisana ngakho. Thatha umfo omncane umjikijele phezulu lapho, kunjengoba kushiwo, iwundlu elithule phambi kwabagundi balo. Liyagundwa, aliqophisani ngakho. Into kuphela elinayo, lilahlekelwa yilungelo layo, lithanda.

¹⁰⁸ Futhi sithi singamaKristu. Omunye wangibhalela incwadi encane ngoluny'usuku, futhi, inothi elincane, futhi wayifaka phakathi, futhi ngayithola phansi lapho, wathi, “Nginelungelo, ngiyisakhamuzi saseMelika, ngigqoka noma yiluphi uhlobo lwezingubo engizifunayo.”

¹⁰⁹ Qhubeka ngqo, kulungile, lokho kukhombisa ukuthi uyimbuzi. Kunjalo. Qhubeka nje futhi uzigqoke uma ufisa. Kodwa khumbula, uma uyiwundlu, unelungelo kukho, kodwa ulahlekelwa amalungelo akho ngenxa kaKristu.

¹¹⁰ Nginelungelo lokudakwa kulobubusuku, futhi, ngiyisakhamuzi saseMelika; Nginelungelo lokubhema osikilidi, ngiyisakhamuzi saseMelika, unalo, nawe, kodwa silahlekelwa amalungelo ethu, siphucwe kulezozinto. Ziphathise okwabanumzane abahloniphekile, njengamanenekazi, gqokani njengakho, futhi nenze njengakho, futhi niphile njengakho, nilahlekelwe amalungelo enu.

¹¹¹ Buka intuthu ikhuphuka ivela e-altare, yenyuka ngqo futhi yahlala phansi eKalvari. Njengoba uKayini wabulala u-Abela e-altare, uJuda wabulala uJesu e-altare. Kunjalo.

¹¹² Qaphelani, futhi, nibona kuphela iziphambano ezintathu, anziboni na? Kwakukhona ezine, iziphambano ezine. Kwakukhona uJesu phakathi nendawo, isela ngapha, nesela lapho ngakolunye, noJuda wazilengisa esihlahleni somthombe. Futhi uJesu wayelenga esihlahleni, futhi, “Uqalekisiwe olenga emthini,” futhi Wenziwa isiqalekiso ngenxa yethu. UJuda wayesesiphambanweni impela njengoba Wayenjalo, ngoba wayesesihlahleni, uJesu esihlahleni kakhulu njengoba uJuda wayenjalo, “Uqalekisiwe olenga emthini.”

¹¹³ Bhekisisani lapha, kwakukhona iNdodana kaNkulunkulu, uNkulunkulu ebonakalisiwe, wehla evela eZulwini, ebuyela eZulwini, ehamba naYe isoni esiphendukayo; futhi kwakukhona uJuda, indodana yokulahlwa, evela esihogweni, ebuyela esihogweni, ethatha isoni esingaphendukile, ebuyela emuva futhi. O, kuhle!

¹¹⁴ Njengoba uNkulunkulu wavula uhlangothi luka-Adamu ensimini, futhi wakhipha ingxenye ukwenza umlobokazi, uNkulunkulu wavula uhlangothi lukaJesu eKalvari, futhi wakhipha uMlobokazi, ohlangothini lwaKhe. O, kuhle! Esiphambanweni, ukuthi kunjani, nokuthi kanjani leyomimoya emibili, ukuthi yenyuka kanjani ngoKayini, u-Abela, igwababa, ijuba.

¹¹⁵ Futhi bukani, siyacabanga futhi, uKayini, ngenkathi ewelela ezweni lakwaNodi, wazitholela unkosikazi. Futhi sithola ukuthi lowonkosikazi. . . NginomBhalo ubhalwe phansi lapho, ngeke ngingene kulokho ngalesisikhathi.

¹¹⁶ Bukani u-Israyeli, u-Israyeli ngenkathi ephuma lapho, njengemivini emibili, siyawubona ukhuphuka, bekuhlala njalo kungaleyondlela, bukani, nakhu kufika u-Israyeli endleleni yakhe eya ezweni elithenjisiwe, njengoba iBandla linjalo namhlanje. Wahlangana nani na? Wahlangana noMowabi. Futhi wathumela phezulu kumfowabo, wayesethi, “Singanqamula izwe lakho na? Uma izinkomo zethu zikhotha noma yibuphi utshani, sizobukhokhela, uma ziphuza amanzi, sizokhokha ngawo.” Futhi wala ukukwenza.

¹¹⁷ Manje, bukani lapha, kwakukhona u-Israyeli, isigejane esincane sabangakhethi-hlelo, begibele bejikeleza izwe,

kungekho ndawo yokuzinza, kodwa endleleni yabo eya ekhaya...UMowabi wazinza nezikhulu, wabalwa phakathi kwezizwe zomhlaba.

¹¹⁸ Qaphelani ukuthi kwenzekani, u-Israyeli wayenomgudu wegazi weqiniso. Khumbulani ukuthi uBalami wazama kanjani ukuganwa kanjalo, futhi wadingeka abaxoshe, abesifazane nabo bonke. Ukufundisa kukaBalami, imfundiso kaBalami.

¹¹⁹ Qaphelani, kwakukhona uMowabi, ekholwa kuNkulunkulu ofanayo u-Israyeli ayekhohlelwa kuye. Ngokuba kwakuyini na? Omunye oyivezandlebe, unkosikazi ongalungile, umntwana kaLoti ngendodakazi yakhe. Njengamabandla angakazalwa nje impela namhlanje, ibandla lemvelo liyibandla lezwe, liphinga ngokomoya nezwe, futhi lingaphili ngokwethembeka kuNkulunkulu, umfanekiso omuhle kakhulu.

Qaphelani, ngokukhuluma ngokuqavile...Manje, mfowethu oqavile, angi...Angifuni ukunincinza kanzima kakhulu, kodwa ngifuna nikuzwe.

¹²⁰ Qaphelani, nangu ehla u—umbhishobhi, uBalami, futhi wenyukela lapho, nenkosi yathi, “Yehla futhi uqalekise lababantu.” Wathi, “Angibafuni ngapha, abakwazi neyodwa yalezozinkonzo zokuphulukisa ngapha. Ngani, baqhubeka njalo ngokuphulukisa, futhi wathi banenyoka yethusi ezansi lapho bonke abayibukayo futhi basinde. Futhi bathi badla imana ivela eZulwini, angibonanga lutho lwakho. Futhi, o, yisigejane sombhedo!” Wayesethi, “Ngifuna wehle futhi ubaqalekise. Asifuni lutho lwaleyonto exovekile emahlelweni ethu ngapha, ngakho bagcine bengekho lapha.”

¹²¹ Qaphelani, wayengoqavile nje njengoba u-Israyeli wayenjalo, wakha ama-altare ayisikhombisa, imihlatshelo eyisikhombisa, izinqama eziyisikhombisa, ncamashi nje njengoba nje babekwenza ezansi ekamu lika-Israyeli, niyabo, imihlatshelo efanayo nje. Kodwa uBalami ehluleka ukukubona kwakuyileloDwala elishayiwe, leyonyoka yethusi, ukumemeza kwekamu, kweNkosi, wehluleka ukubona leyoNsika yoMlilo ihamba phambi kwabo.

Yilokho okuyikho namhlanje, bathi, “NingabalawomaPentecostal, ayisigejane sabagingqiki abangcwele.”

¹²² Babevame ukuba njalo, kodwa abasenjalo. Kodwa ngakho, ba—bangababo, kodwa bayehluleka ukubona leyoNsika yoMlilo. Manje, ukuze baqiniseke ukukubona, sinesithombe saYo, ifakaziswe ngokwesayense. Amen. Yebo. Bayehluleka ukubona iNsika yoMlilo, ukumemeza kwekamu, ukuthi kukhona iNkosi phakathi kwethu, amen, iNkosi uJesus. Bayehluleka ukukubona. Wehluleka ukubona lokho kubuyisana kwegazi.

Bathi, “Ngiyazi indoda yePentecostal yabaleka nomfazi wenye indoda.”

¹²³ Ngiyazi amaBaptisti, nePresbyterian benze okufanayo, amaKatolika, nawo onke. Kunjalo. Ngakho isoso lehansi isoso ledada; ibhodwe alikwazi ukubiza iketela ngokuthi limnyama. Sonke siyizidalwa ezingabantu, futhi singaphansi kwazo zonke lezozinto phakathi kwabantu bakithi—bakithi, kodwa uNkulunkulu usebenzana nathi njengabantu ngabanye, noma ngabe singobani. Ngakho isibusiso sePentecostal siqinisiile.

¹²⁴ Qaphelani, u-Israyeli noMowabi, manje kuyafana, sithola ukuthi ibandla lithatha, liphume futhi lithathe okwehlelo, lingenise noma yini abafuna ukuyingenisa, bathi nje, “Awu manje, uma uzoza futhi ubhaphathizwe ebandleni lethu, futhi usukume futhi uthi uyamkholwa uJesu iNndodana kaNkulunkulu, khona-ke sizo—sizokubhaphathiza ebandleni, bese sifaka igama lakho encwadini.”

¹²⁵ Manje, niyazi ukuthi udeveli uyakholwa naye na? Impela, kuyakwenza. Nganichazela ngobunye ubusuku, ni... Njengokuzama ukucwilisa lolufudu oludala, alwenzanga lutho kulo, akulusizanga ngalutho, kwathatha umlilo ukulwenza lunyakaze. Futhi ngakho, yilokho okukuthathayo eBandleni namhlanje, nguMoya oNgcwele omncane noMlilo ukuLenza lihambe.

¹²⁶ Kodwa, khumbulani, uMoya oNgcwele ungeke uthathe lowomuntu ongcolile umngenise kowaKhe, uMzimba kaKristu. Lokho kukhombisa ukuthi uMzimba kaKristu awusilo ihlelo, ngokuba UnguMzimba kaKristu ofihlakele, futhi ngaMoya munye sonke sibhaphathizelwe kuWo. Ngicabanga ukuthi singathatha abesifazane, abesilisa, futhi sibayise emanzini ukuba sibabhaphathize, futhi siyathola ukuthi uma ngempela bengesiwo amaKristu enhliziyweni yabo, asifanele neze sibabhaphathize.

¹²⁷ Ngangihamba ngesinye isikhathi esedlule nowesifazane emfuleni, iqembu labo, owesifazane oyedwa waphuma lapho; waphuma emotweni yakhe wayesewela, elungisa izinwele zakhe, wathi, “Uzohamba, ungehlise futhi ungicwilise, Mfowethu Branham na?”

Ngathi, “Hhayi wena, awukulungele ukungena.” Kunjalo.

¹²⁸ Babezoba nokucula ebandleni, nentombazane ethize, ya—yayingenayo imali eyenele uku—uku—ukuzitholela uhlobo oluthile lokulungisa izinwele kanjalo eyayifuna ukukwenza ukuba ikhuphukele emsamo ukuba icule, nonina omdala ompofu wayewashela phezu kwebhodi lokuwashela ukuyitholela lokho kulungisa izinwele. Ngenkathi ngikuthola, angizange ngiyivumele icule, ngathi, “Awufanele ukucula phezulu lapho.” Lokho kufanele kugcinwe kuhlanzekile.

¹²⁹ Yileyo indaba namhlanje ngamabandla, ukonakala nezinto, kusukela ngqo epulpiti kuyothi ngqu endlini engaphansi.

Kunjalo. Kuhlanze! Kunjalo. Sidinga umgxusho wokukolobha oyifeshini endala futhi ebandleni.

¹³⁰ Njengomuntu onsundu omncane wayegcotshiwe ngolunye usuku, namalunga emi ezungezile athi, “Nkosi, msonge ngamasaka asefekile bese uthela uphalafini phezu kwakhe futhi wokhelele iVangeli.” Yilokho esikudingayo namhlanje, ngoMlilo, umdedele-ke, futhi umdedele agijime.

¹³¹ Ngangivamise ukubeka uphawu amankonyane. Sasithatha inkonyane, ngiyazi ukuthi yini eniyibophele ngentambo futhi nayibophela eningi, ngiqagele, sasivame ukuwabeka uphawu phansi, omunye wathi kimi, “Awunamahloni okuthwala leyonsimbi eshisayo, uyinamathelise ohlangothini lwalo na?”

¹³² “Qhabo.” Ngayinamathelisa ohlangothini lwayo, yayinesithuthwane sokukhahlela, kulungile. Yaklabalasa futhi yabhonga, ngenkathi eyidedela yaba nejaqamba, yagijima ngempela. Kodwa sasazi ukuthi yayingekabani kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke, kunjalo, inqobo nje uma yayisaphila. Futhi ngiyakutshela, mfowethu, kuthatha inqwaba yomusa ukwenyukela e-altare futhi uhlale lapho uMoya oNgcwele uze ushise uPhawu phansi kuwe. Ungahle udazuluke, futhi ukhale, futhi wenze ngokuhlekisayo, kodwa uyazi ukuthi ungowakuphi kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke, kunjalo, ngokuba ubekwe uphawu eMbusweni kaNkulunkulu ngoMoya oNgcwele, UluPhawu.

¹³³ Khumbulani, uMoya oNgcwele ufikela ukubeka uphawu labo uNkulunkulu ayebazi ngaphambili. Kunjalo. Kunjalo. Akazange nje ehle, uJesu, athi, “Ngizofa, mhlawumbe omunye uzoba nokudabuka futhi aNgibuke, futhi athi, ‘Awu, ngiyacabanga.’ Mhlawumbe uma bezocabanga ukuthi ngihlupheke kakhulu kuzokwephula izinhliziyi zabo futhi bazoza.” Qhabo, qhabo. Ungeke uze noma kanjani. Ungeke watshela ingulube ukuthi inephutha ngokudla enqwabeni yomquba, ivele ikutshela ngokushesha nje, uma ibingakhuluma, “Nginaka izindaba zami, wena naka ezakho.” Niyabo?

¹³⁴ Kuthatha ukuphenduka, uNkulunkulu ufanele akwenze, akukho-muntu oza kuJesu ngaphandle kokuthi uNkulunkulu amdonse kuqala. Kuthatha umsebenzi kaMoya oNgcwele ngisho ukuguqula inhliziyi yakho, kuthatha uNkulunkulu. Omunye wathi, “Ngafuna uNkulunkulu futhi ngafuna uNkulunkulu.” Qhabo, qhabo, qhabo, uNkulunkulu wafuna wena, hhayi wena ufuna uNkulunkulu; uNkulunkulu ufuna wena.

¹³⁵ Kulungile, uMoya oNgcwele awuthathi nje noma yiluphi uhlobo lonkosikazi, awumthathi umuntu obhemayo, nomunye umuntu ophuzayo, nomunye umuntu ophila ngokungaziphathi kahle, nomunye umuntu ohambisana nazo zonke izinhlobo zezinto zezwe, ngoba Wathi, “Uma uthanda izwe, izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuwe.”

¹³⁶ Kodwa uMoya oNgcwele ufika ukuzobeka uphawu eMzimbeni uNkosikazi kaJesu Kristu, Ayemazi ngaphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngenkathi Yena, ngokuba nguNkulunkulu ekwazini ngaphambili, Wayekwazi ukubona ukuthi ubani owayezoMemukela nokuthi ubani ongeke, ngakho uMoya oNgcwele ufikela ukuthola *lowo*Mlobokazi, yilowo Amngenisayo.

Kodwa ibandla lithi, “O . . .”

¹³⁷ Ngangivame ukucula iculo elincane, ngithemba ukuthi angizwakali nginokuthuka okungcwele, sasineculo elincane esasivamise ukulicula, “‘Wozani nidle,’ iNkosi iyabiza,” saba neculo elincane futhi salenza lehluka kancane. Ngithetheleleni uma nginikhubekisa noma ngayiphi indlela. Wathi:

“Woza ujoyine,” umelusi uyabiza, “Woza ujoyine;”

Ungaba namasapha akho ka-ayisikhilimu ngaso sonke isikhathi;

Uxoxe amahlaya angcolile, wentshise, futhi uphafuze intuthu,

O, umelusi ubiza ibandla, “Woza ujoyine.”
(Esikhundleni sokuthi “Woza Udle.”)

¹³⁸ Umehluko onje pho! Thatha indoda, inqobo nje uma inemadlana futhi ingakhokha ingene, uyibeke ebhodini yabadikoni, inamakhosikazi amabili noma amathathu, uyibeke lapho, noma kanjani, ngoba bangamadoda anokuthonya edolobheni. Angikhathali uma idolobha libazonda, ngifuna babenokuthonya eZulwini, lapho uMoya oNgcwele, lapho bengaba nokuthonya okuthize phakathi kwabantu. Kodwa nje ngukuthi, “Woza ujoyine.” Yonke into . . .

Ngabuza intombazane esikhathini esedlule, “Ngabe ungumKristu na?”

¹³⁹ Futhi yathi, “Ngikunika ukuba uqonde ukuthi ngingumMelikana.” Njengokuthi lokho kwakuhlangene nanoma yini nakho, yayiseSwitzerland, sengathi lokho kwakuhlangene nakho.

¹⁴⁰ UMfowethu Bosworth wathi wabuza owesifazane ngesinye isikhathi, wathi, “Ngizokunika ukuba uqonde ngishisa ikhandlela njalo ebusuku.” Manje, njengokuthi lokho kuhlangene nanoma yini nobuKristu, shisa ikhandlela njalo ebusuku. Ufanele uzalelwe *kulokhu*, ukuba nguMbuso kaNkulunkulu.

¹⁴¹ Manje, sithola leyomimoya, bhekisisani, cishe ngesikhathi uJesu afika ngaso enkundleni, uJuda wafika enkundleni; ngesikhathi nje uJesu ephuma enkundleni, ngosuku olufanayo, uJesu noJuda bobabili basuka enkundleni. Kwathi nje ngesikhathi uMoya oNgcwele wafika enkundleni, kwenzekani na? Umphikukristu uyafika enkundleni. Ngokuba uJohane

usho njalo, wathi, “Bantwanyana ningadukiswa yikho,” wathi, “umphikukristu usevele uyasebenza ezweni.” Niyabo? Akuzi kulezizinsuku zokugcina, sekuvele kukhona, khona-ke, bekuhlala kunjalo.

¹⁴² Futhi manje, bhekisisani, cishe nje ngesikhathi umphikukristu eziphakamisa manje futhi ethatha onke amabandla, ngisho nePentecostal yethu, emakhazeni amakhulu ezidumbu phezulu lapha, niyazi, amabandla e-UN, niyaqonda lapho ngiqonde khona... Ngiyaqonda ukuthi ezinye zezinhlangano zethu zePentecostal ingena kulokho. *Mm-M!* Ini...? Ungafinyelela kude kangakanani noMoya kaNkulunkulu lapho uqala ukuzulazula! Vele uthi nyelele uphume kulowomgwaqo omncane, futhi ulokhu ushelela nje. Kunjalo. Ufanele ubuyele lapho oshiye khona. Kunjalo.

¹⁴³ Umfelandawonye wamabandla, ozobumba umfanekiso wesilo, futhi sonke siyakwazi lokho. Niyabo, nakho-ke, konke kusebenza ngokuzungeza manje ukuhlanganisa onke amabandla ndawonye, sizihlanganise ndawonye ukulwa ubukhomanisi. Ningakhathazeki ngobukhomanisi, abuzukuba yinto yokulwa.

¹⁴⁴ Kunamakhethini amathathu, ngisho lokhu eGameni leNkosi, ningakukhohlwa: Kukhona ikhethini lensimbi, ikhethini loqalo, nekhethini elibukhwebezane. Bhekisisa lelokhethini elibukhwebezane, gcina iso lakho kulokho.

¹⁴⁵ O, he, sibona kanjani manje umphikukristu eqala ukuzisombulula, ebambelela esizweni. Useze ukhetha ngisho indoda yawo uqobo, amanye amabandla libumba phakathi nakho, enza eyodwa enkulukazi, inhloko yobufundisi basesontweni. Wonke umbhishobhi waseSheshi i... bayawela manje ePo... eRoma ukuyoxoxisana noPhapha, okokuqala amakhulu eminyaka. O, konke kuthatha ikhanda. Futhi thina maProtestane sahlala emuva, niyazi, futhi... Awu, nakho lapho okhona, niyabo, qhubeka nje, ngoba sekupholile.

¹⁴⁶ Asizukukumisa, angeke kume, kuzoya ngokuba kubi kakhulu. Kungukuthi... IBhayibheli lasho njalo, ukuthi ibandla lePentecostal ngezinsuku zokugcina, siyazi nguNyaka weBandla laseLawodikeya othola ukuba sivivi, futhi uNkulunkulu akukhafula kuphume emlonyeni waKhe, kuMenza agule esiswini saKhe, Akakwazi nje ukukumela, indlela okungayo.

¹⁴⁷ Manje, asiqhubeke manje futhi sithole ezinye zalezizimpawu, futhi sizisebenze imizuzu embalwa elandelayo. Siya ngale manje, uma nibhala phansi imiBhalo yenu, asiye kuHezekeli isahluko 9. Futhi sithola ukuthi umprofethi wabona kungakenzeki ukufika kokuqala kwebandla. Manje, sithola ukuthi ubonile, wabiza umprofethi, futhi wabheka phezulu emasangweni aphakeme wayesethi, “Sewake wayibona into enjengalena na?” Futhi nakho kuvela emasangweni aphakeme amadoda amane ephethe izikhali zokuhlaba esandleni sawo.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . funda uHezekeli isahluko 9. Manje khumbulani, lokho kuhlatshwa kwakumiselwe kuphela eJerusalema, “Dabula emzini.”

¹⁴⁸ Kodwa ngaphambi kokuba adabule edolobheni, athola enye into yenzeka, nakho kufika iNdoda iphethe, imhlophe, inophondo lukayinki ohlangothini lwaYo, uphondo lukayinki lombhali, Yayisithi, “Misani lawa amanye amadoda, ukuba angangeni emzini, kuze kuqala iNdoda embethe ezimhlophe, enophondo lukayinki lombhali, yayizodabula emzini waseJerusalema futhi yabeka uphawu phezu, noma uphawu olungumaka, ngalabo ababubula bekhalela izinengiso ezenziwa emzini.”

¹⁴⁹ Manje, Lena enophondo lukayinki ohlangothini lwaYo, kwakunguMoya oNgcwele. Manje qaphelani, emva kokuba Isidlule, khona-ke Yadedela lamadoda ngezikhali zokuhlaba, Yathi, “Babhubhise nya bonke, kokubili abasha, abadala, izintombi, abantwana abancane, ungashiyi lutho; kodwa ungasondeli kunoma yimuphi walabo abanalolophawu kubo.” Kuqapheleni.

¹⁵⁰ Manje, kwenzeka nini lokho na? Lelo kwakuyibandla lePentecostal lasekuqaleni, ngenkathi uMoya oNgcwele wedlula futhi wabeka uphawu olungumaka ibandla. Manje qaphelani ukuthi kanjani umlando, uma nake nathatha ukubhala kukaJosephus, ngenkathi ebhala ngempi enkulu cishe ngo 96. Lapho bonke abantu. . . Lapho uMoya oNgcwele. . . Ngenkathi uJesu efika, wenza izibonakaliso zikaMesiya, wafakazisa ukuthi WayenguMesiya, emva kokuba Esehambile, WaZidlulisela eNkazimulweni, wathumela emuva uMoya oNgcwele, futhi wagcoba abaphostoli, baphuma benza izibonakaliso ezifanayo Azenza.

¹⁵¹ Babenamandla eNkosi. Bakhuluma ngezilimi, bamemeza, kwakukhona uMoya oVunguzayo oMandla wabagcwalisa, futhi baphuma ngentshiseko enkulu baze bashisa imizi ngoMoya oNgcwele. Futhi benzani na? Bahlekisa ngabo, babahleka. Kunjalo. UJesu wathi, “Nikhuluma ngokumelene naMi, Ngizonithethelela. Kodwa nxa uMoya oNgcwele esefikile, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa.” Futhi babeka uphawu isiphetho sabo saPhakade ngenkathi behlekisa ngabantu owayegcwaliswe ngoMoya oNgcwele.

¹⁵² UJesu wabatshela, wathi, “Manje, isikhathi sizofika. . .” Manje, nifanele niqaphele abafundisi abaningi kakhulu lapho ba—babuza uJesu imibuzo emithathu ehlukene kuMathewu 24; Waphendula ngamunye. Yingalesosizathu ukhuphukela kwiSeventh Day Adventist nalokho, “Khulekani ukuba ukubaleka kwenu kungabi ngeSabatha, ngosuku lweSabatha noma ebusika.” Wabuzwa ngazo, “Lezizinto ziyoba nini na? Siyoba yini isibonakaliso sokuza na? Ukuphela kwezwe

na?” Futhi yonke, imibuzo emithathu ehlukenene abaNbuzayona. Futhi Wakuchaza, njengoba nje baMbuza lapho. Futhi kwenzeka, umlando ukhombisa ukuthi kuqinisele.

¹⁵³ Yini ebingenza...? Bekungenza mehluko muni uma ukubaleka kwakho manje, ukubaleka emzini, kuyoba ngosuku lweSabatha na? Manje-ke, a—amasango omuzi ayevaliwe ngosuku lweSabatha. Kwakungenza mehluko muni na? Kwakhombisa ukuthi kwakungesikho emhlabeni wonke, ngoba isikhathi sasehlobo endaweni eyodwa nobusika kwenye. “Khulekani ukuba ukubaleka kwenu kungabi sebusika, noma ngosuku lweSabatha.” Ngoba, ngalolosuku... Yena... Baxwayiswa, bathi, “AbaseJerusalema, mababalekele eJudiya.” IJudiya yayigcwele iqhwa ngesikhathi sasebusika. “Khulekani ukuba ukubaleka kwenu kungabi sebusika, nangosuku lweSabatha.”

¹⁵⁴ Kodwa ngenkathi uTitus ekhuphuka, futhi babona... UJesu wabatshela, “Nxa nibona iJerusalema lihaqiwe yizimpi, makuthi lowo osensimini, angabuyeli ukuyolanda ibhantshi lakhe, kodwa shaya amagquma aseJudiya nje ngamandla akho onke. Phuma lapho! Ngoba bazohlambalaza uMoya oNgcwele, futhi uma behlambalaza uMoya oNgcwele, bathatha uphawu olungumaka lwesilo, futhi akukho lutho ngaphandle kwembubhiso esele.”

¹⁵⁵ LawomaJuda, ngenkathi ebone inkathazo iza, athi, “Manje sizobuthana emzini, endlini yeNkosi futhi sikhuleke.” Ngabe lokho akuzwakali kungukukholwa ngempela, kumnandi kakhulu na? O, uSathane angakwenza kubukeke kuyikho ngempela nje. Impela.

¹⁵⁶ Kodwa khumbulani, uJosephus washo ukuthi labobantu ababengamazimuzimu, wathi, “Kukhona isigejane esilandela uJesu waseNazaretha esahambahamba siphulukisa abagulayo,” wathi, “UPilatu waMbulala, futhi bantshontsha umzimba waKhe, futhi bawubeka ndawondawo, futhi bawunquma futhi bawudle.” Babengamazimuzimu.

¹⁵⁷ Ababekwenza, babethatha isidlo, umzimba weNkosi. Niyabo? Futhi wathi, “Akukho namunye wabo owalahleka, ngoba bathelekela eJudiya, njengoba nje umBhalo wabatshela ukuba benze, njengoba uJesu wayebatshele ukuba bakwenze.”

¹⁵⁸ Kodwa lawomaJuda, onke angena eJerusalema, futhi athi, “Manje, sizobuthana endlini yeNkosi, noJehova omkhulu, Obelokhu enathi njalo, uzokwehla, futhi Uzoxosha amabutho kaTitus, yilokho Ayokwenza.”

¹⁵⁹ Kodwa benzani na? Babonile kuMoya oNgcwele, babehlekisa ngamandla kaMoya oNgcwele esebenza. Babiza uJesu Kristu, Owayenza futhi ebakhombisa ukuthi WayenguMesiya wabo, baMbiza ngoBelzabule, baMbiza ngodeveli, baMtshela ukuthi kwakuluhlobo oluthile lokufunda ingqondo, wathi

Wayengudeveli, imisebenzi Ayeyenza, kwakuyimisebenzi kadeveli. Babenakho kuza kubo.

¹⁶⁰ Manje, mfowethu, linda nje, ngeke sisithole isikhathi kulobubusuku, kodwa kusasa ebusuku ngifuna ukunithatha nginiyise ngale futhi nginikhombise ukuthi i-United States yenze into efanayo, impela. Ngizokufakazisa kini ngemiBhalo, kusasa ebusuku, iNkosi ithanda, ukuthi i-United States yenze kanjani into efanayo, impela, kuleminyaka engamashumi amane edlule. Bahlekisile futhi bababiza ngabagingqiki abangwele, izinhlanga zePentecostal, nakho konke ezweni, noNkulunkulu esebenza nabo ngezibonakaliso nezimanga, namabandla amakhulu avela ahamba *kanje*, futhi ahlekise. Futhi manje ngezinsuku zokugcina, kwenzekeni na? Ake ngilethe imiBhalo kini. Nilungele na?

¹⁶¹ Ngiyahluka kuMfowethu David duPlessis oyigugu, enyukela lapho noDkt. McKee nawo onke lamabandla amakhulu. Futhi manje abazo...[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...manje. O, amaPresbyterian athi, “Sidinga izikhulumi ngezilimi. Siyabadinga ukuba sithole umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Sidinga abaphulukisi ngokukaNkulunkulu,” nakho konke kanjalo.

¹⁶² Abakwemukelanga ngani eminyakeni engamashumi amane edlule ngenkathi kuphuma, esikhundleni sokuhlekisa ngakho na? Abasoze bakwenza. Bafile, bangamahlelo, futhi lonke ihlelo lifile. Kunjalo impela. Alisophinde livuke. Akukho-hlelo elingasoze lavuka. Assemblies, nibe nosuku lweni; Oneness, ubenosuku lwakho; Foursquare, ubenosuku lwakho, isikhathi sikaNkk. McPherson; ama-Assemblies akudala ayenosuku lwawo.

¹⁶³ Awu, wenzeni na? Uzihlelele wena futhi wazehlukanisa. Awusoze wafaka ihlelo, ngoba kwakunguhlelo lweKatolika endaweni yokuqala uNkulunkulu alulahla ekuqaleni, akusoze kwangena, akukho-Baptisti, iPresbyterian, noma lutho olunye. Kodwa uNkulunkulu uyodonsa inhliziyo elambile kuwo onke amahlelo Angakwazi, ngokuba lowo nguMzimba waKhe Azowungenisa, labo ababekwe uphawu ngoMoya oNgcwele.

¹⁶⁴ Sebevele baluthathile uphawu olungumaka lwesilo. Kubukeni manje, ibandla lePentecostal selivele liyikhombisile imibala yalo, manje selihlanziwe. UJesu engaphandle, engqongqotha, ezama ukungena. [UMfowethu Branham ungqongqotha phezu kwepulpiti—Umhl.] Ungqongqotha ini na? Khona impela ukungqongqotha kobuMesiya, nakho konke okunye, futhi babesalokhu beMkhipha. Impela, bayakwenza.

¹⁶⁵ Kodwa kwenzekeni na? Siphila kuluphi usuku na? O, mfowethu, yiluphi usuku esiphila kulo na? Ningacabangi ukuthi ngiyahlanya, ngithemba ukuthi angihlanyi. Uma ngihlanya, ngiyekeleni nje, ngizizwa ngingcono ngalendlela,

kunoma ngenza ngenye indlela. Kodwa lalalani, lalalani, ngiyakutshela, mfowethu nodadewethu, kuyisibonakaliso sani na? Yisibonakaliso sokuthi sisesikhathini sokuphela. Wathini uJesu ngentombi elele na?

“O, nibiza lawo mabandla ngentombi na?”

¹⁶⁶ Njengoba wayenjalo nje uKayini, into efanayo impela. Bayakhonza, kodwa intombi elele yayingenamaFutha esibanini sayo. Ngabe kunjalo na? Ngakho ngenkathi ithola ukuthi yayileyithi kunalokho eyayikucabanga, ubukhomanisi buthi nyelele kuyo, yathi, “O, sipheni amanye amaFutha enu. Uwuthola kanjani loMoya oNgcwele na?”

“Hamba uyoWuthenga kulowo oWuthengisayo.”

¹⁶⁷ Futhi khumbulani, ngaso impela isikhathi intombi elele eyahamba ngaso ukuyothenga amaFutha, yilapho uMyeni efika khona. Udumo! Anikuboni na? Uma amaPresbyterian, nama-Episcopalian, nalabo abanye, beze befuna uMoya oNgcwele, kungcono uthole isibani sakho silungisiwe. Silungisiwe, silungisiwe, yebo, sidinga ukulungiswa. Pentecost, kungcono nilungise izibani. Amen. Thola inqwaba yalelizwe lisikwe lisuke kuwe. Senithole ukugqwala, intambo yesibani isingene esimweni esibi.

¹⁶⁸ Niyazi, leyontambo yesibani iyinto enkulu. Ngangivame uku...Bhekisisani, ukuthi intambo yesibani yangempela kaNkulunkulu iyini, i—ikholwa, liyintambo yesibani. Bukani, linoMlilo ngakwelinye icala, phezulu *lapha*, nelinye icala licwiliswe emaFutheni, lidonsa amaFutha futhi lenza uMlilo. I—iBandla elinje pho! Amandla anje pho! Indawo enje pho ukuba kuyo! Haleluya!

¹⁶⁹ Kuyakhanya, lokho kuKhanya kweVangeli okufanayo okwakhanya empumalanga, kukhanya entshonalanga. “Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa.” Vuka, lungisa isibani sakho, Pentecost, nquma ususe izwe, nquma ususe izimfashini zezwe, nquma ususe izinto zezwe, ulungele, ihora seliseduze.

¹⁷⁰ Khona lapho ngenkathi beyolanda Lokhu, kwenzekani na? Kwenzekeni na? Wayesengena-ke uMyeni.

¹⁷¹ Niyabo, iMelika ihlambalaze uMoya oNgcwele. Ihlekisa ngaWo selokhu Yafika enkundleni eminyakeni engamashumi amane noma amashumi amahlanu edlule. Ihlekisa njalonjalo, amanye amabandla lihlekisile, azikhombisile, manje aqala ukukhipha ikhanda lawo, futhi athi, “Singathanda ukuba nokuncane kwaLokhu.” Kodwa njengoba nje lapho beyokwenza lokho, kuyisibonakaliso sokuthi sifanele sihambe siyolungisa isibani sethu.

¹⁷² Nkulunkulu vusa abanye abashumayeli abazoya ekulungiseni izibani. Ngiyanitshela esikudingayo namhlanje

yinto ethize ezolungisa isibani sethu, ukuze uMlilo wePentecostal weqiniso. . .

¹⁷³ Uthola ilambu elidala konke lapho i—ikhabhoni ingena entanjeni yesibani, izoshunqisa isibani sakho sonke. Yileyo indaba ngathi, sinekhabhoni eningi kakhulu esibanini, ikhabhoni eningi kakhulu, uMlilo awukwazi ukudonsa kahle, Awukwazi ukuthola umoya owenele kusukela phansi. Esikudingayo isipeli sokuphefumula esihle, umoya omuhle, umoya omusha ovela eZulwini wombhaphathizo kaMoya oNgewele uphinde futhi, noMoya oNgewele usebenza eBandleni nezibonakaliso nezimangaliso zilandela, uPhawu lweqiniso lukaNkulunkulu.

¹⁷⁴ Hhayi ukuthi, “Awu, ngizoya ku-Assemblies, uma bengangiphathi kahle, ngizoya eFoursquare.” O, ugcwele ikhabhoni, ubhema ushunqisa isibani sakho. Lungisa isibani sakho! Lungelani, sisesikhathini sokuphela.

¹⁷⁵ Kodwa bazokwenza, omunye umuntu uzokushumayela, omunye umuntu uzokusho, ndawondawo kuzoba nabanye babo abazokuthola. Kunjalo. Angazi ukuthi bangaki, ngoba Wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, okwasindiswa ngayo imiphefumulo eyisishiyagalombili.” Kodwa angazi ukuthi bangaki abazokuthola, kodwa bayoba nabanye babo abazolungisa isibani sabo, yilokho kuphela okukhona kukho, ngokuba isikhathi sokulungisa isibani sesivuliwe.

¹⁷⁶ Futhi ngenkathi i—ngenkathi intombi elele iphumile, eyayisivele yamukele uphawu olungumaka lwesilo. . .

Wena uthi, “Uphawu olungumaka lwesilo, lokho na?”

¹⁷⁷ Yebo, impela. Kanjalo noKayini wemukela uphawu olungumaka futhi waphuma. Kwakuyini na? Ngenkathi ibandla leBaptisti, ngenkathi ibandla lePentecostal, ngenkathi ibandla lePresbyterian, lathatha uphawu olungumaka lwesilo esikhundleni sokwemukela uMoya oNgewele, baphuma basuka kuNkulunkulu, futhi babenzela inhlango. Benzani na? Bazithathela unkosikazi wamanga, unkosikazi wamanga wezwe, bangenisa oJezibele abazipendile, nakho konke okunye, benezinwele ezimfishane, futhi begqoke izikhindi, neziketi, futhi, abemfashini yaseHollywood, nabashumayeli baphuma ukuba babangenise nabadikoni abanamakhosikazi amabili noma amathathu. Futhi—futhi indoda. . .

Wena uthi, “Uhlala njalo ukhuluma ngabesifazane bakithi, ngabesifazane bakithi.”

¹⁷⁸ Kulungile, madoda, ngizonikama-ke phansi kanye-ke. Ake nginitshale okuthize: Noma iyiphi indoda ezovumela umkayo abheme osikilidi futhi agqoke izikhindi, ngenenhlonipho encane ngayo ngisho nokuba yindoda, isasitabane kakhulu ayazi ngisho nokuthi ingeyakuphi, ayisiyo indoda. Kunjalo. O, haleluya!

Kunjalo. Iyizaba ezimpofu ngendoda. O, ingahle ibe ngamafidi ayisithupha ubude, isinde amaphawondi angamakhulu amabili, kodwa lokho akubukeki njengendoda kimi. Lokho kukhombisa ukuthi ubani ubasi ngasendlini yakho. Izogxoba ngonyawo lwayo, “Ngizokutshela khona manje,” futhi ubuyokhothama sengathi ubungumthinyane ogulayo. Yini indaba na?

¹⁷⁹ Sidinga, esikudingayo namhlanje ngamadoda. Sidinga abashumayeli beVangeli. Futhi noma yimuphi umshumayeli oyoma epulpiti, futhi azigodle kulezozinto, nginenhlonipho encane ngaye ebizwe nguNkulunkulu. Kunjalo. Indoda enamahloni ukuma epulpiti futhi ikhulume iqiniso likaNkulunkulu, lapho yazi ukuthi kuyinto engenasimilo ukuba owesifazane agunde izinwele zakhe!

¹⁸⁰ IBhayibheli... Indoda inelungelo lokushiya umkayo futhi imnike isehlukaniso lapho egunda izinwele zakhe, iBhayibheli lasho njalo. Ngubani inhloko yowesifazane na? Umyeni wakhe. NeBhayibheli bathi, “Uma owesifazane egunda izinwele zakhe, uhlazisa ikhanda lakhe.” Akukho owesifazane ohlazisayo okufanele kuhlalwe naye. Amen. Ugunda inkazimulo yalo. Futhi lenza kanjalo nebandla, lapho lenza into efanayo, ligunda umfudlana walo wenkazimulo.

¹⁸¹ Mm! O Nkulunkulu, kungani ngisho lezizinto na? Kodwa kuyiqiniso. Qhabo, asi—asibadingi abaxegisi, sidinga abesilisa nabesifazane abazomela ubulungiswa nokulungile futhi bakhulume iqiniso, kungakhathaleki ukuthi kuyini. Amen.

¹⁸² Uphawu lukaNkulunkulu, lungisa izibani zakho, mfowethu. Ukukhanya kukaMoya oNgcwele makuvuthe futhi, kukusha. Kuba mnyama. O, yisikhathi esibi kabi! Kuba mnyama.

¹⁸³ Lapha esikhathini esithize esedlule ngehla, ngangivela eDallas futhi ngangindiza ngaleya futhi ngiya e-Indiana, futhi kwakhuphuka isiphepho ne—nebhanyozi ladingeka lehlele eMemphis. Futhi ngi—ngi... Bangibeka phezulu kulelo elikhulukazi, ihhotela elihle ezansi lapho, futhi bangitshela, bangibiza emva kwesikhashana, bathi, “Sizonishayela ekuseni ngesikhombisa nqo. Sizoba ne, imigqa ethize yokunilanda.” Isizathu babeyo... Ngase ngivele ngikhokhele indlela yami, futhi ba—badingeka bangikhokhele indlela yami ehhotela ngalobobusuku.

¹⁸⁴ Ngakho ngahlala ngangalala ngase ngibhalela abangani bami izincwadi. Ngakusasa ekuseni ngavuka futhi ngangehla ukuyoposa izincwadi, futhi ngangehla ngomgwaqo, ngacabanga, “Ngizosheshisa manje ngoba leyolimozini izosilanda ngesikhathi esithize.”

Futhi ngaqala ngehla ngomgwaqo, ngihamba ngishesha ngempela, niyazi, uMoya oNgcwele wathi, “Yima unganyakazi.”

Ngaqalaza, nelikhulu, iphoyisa elingumIrishi limi lapho, labuka ngapha, futhi ngacabanga, “Impela, bekungesilo elisho lokho.”

Futhi ngaqala ukuhamba futhi, ngathi, “Woza eceleni.”

¹⁸⁵ Futhi kwakukhona izindobo zokudoba nezinto lapho, ngenyuka *kanje*, futhi ngacabanga ukuthi ngizovele nje ngenze sengathi ngibuka lokho ukuze angacabangi ukuthi kukhona okusolisayo. Ngakho ngenyukela lapho ngase ngiqala ukubuka lezizindobo, ngase ngithi, “Baba waseZulwini, ngabe nguWe okhulumile na?”

Wathi, “Jika, futhi uye enyakatho, futhi uqhubeke uhambe.”

¹⁸⁶ Ngathi, “Yebo, Baba.” Ngisanda kuqala nje. Niyakholwa ukuthi abantwana bakaNkulunkulu bafanele baholwe nguMoya kaNkulunkulu na? Impela niyakwenza. Yileyo indaba ngathi, sithole izibani zethu zishunqa kakhulu asisakwazi ukusho lutho.

¹⁸⁷ Nakhu lapho esasikhona, ngahamba ngihamba, ngahamba, futhi ngahamba, futhi ngahamba, futhi ngacabanga, “Awu, he!” Ngabheka, isikhathi sokuba indiza ifike, futhi Wayelokhu ethi, “Hamba,” ngaqhubeka nje ngihamba. Ngaya ngale ngase ngithola, ngale kwelinye icala, ngase ngingena kulokho, isigodi samakhaladi laphaya.

¹⁸⁸ Futhi ngangehla, awu, i, kwakuphakeme le, ilanga laliphezulu le, futhi ngacabanga, “O, ngigeje ibhanoyi lami, awu, uma Ethe hamba, ngiqagele mhlawumbe Usho ukuthi sizohamba siye ekhaya, ngakho ngizoqhubeka nje ngihambe, ngishiye isutikesi lami emuva lapho.” Ngakho-ke ngase ngihamba—ngahamba... Ngangiphethe isutikesi lami lisesehotela, futhi nganginalezizincwadi, ngangilokhu ngihamba, ngacabanga, “Awu, Nkosi... ”

Into nje ethize yayilokhu ithi, “Qhubeka uhamba, qhubeka uhamba,” ngaqhubeka nje ngihamba.

¹⁸⁹ Yileyonto kuphela okufanele yenziwe, akunandaba ukuthi kubukeka kanjani, qhubeka nje, noma kanjani. Uma uNkulunkulu ethe kwenze, qhubeka nje, noma kanjani. Yileyondlela owenza ngayo. Yileyondlela osinda ngayo, uyabo, qhubeka nje uhamba. Uthi, “Izolo angikwazanga ukunyakazisa umunwe wami kodwa lokho *okungako*, namhlanje ngingawunyakazisa kakhulu *kangako*, akadunyiswe uNkulunkulu, kusasa, ngizowunyakazisa kakhulu *kangako*, futhi ngosuku olulandelayo kakhulu *kangako*, bese-ke kuthi-ke into yokuqala, ngi...?...” Qhubeka nje uhamba, yilokho kuphela, qhubeka nje uhamba.

¹⁹⁰ Ngase ngiwelela lapho ngaphesheya kweMemphis, futhi ngenkathi ngenza, ngani, ngangihamba ngehla ngedlula kwesinye, isigodi esikhulu samakhaladi lapho, okufana nemijondolo emidadlana, phandle lapho. Futhi ngacabanga,

“Ngenzani ngapha na?” Ngacabanga, “Awu, Wathi qhubeka uhamba. Uma Wayefuna ngiphenduke ngenye indlela, Ubeyongitshela.” Ngakho ngaqhubeka nje ngihamba. Futhi ngahamba, futhi ngangicula leloculo elincane nina bantu bePentecostal enicula ngalo, ake sibone ukuthi ngingayithola yini ishuni:

Babebuthene ekamelweni eliphezulu,
Bonke bekhuleka eGameni laKhe,
Babhaphathizwa ngoMoya oNgcwele,
Kwase kufika amandla okukhonza;
Manje, lokho Abenzela khona ngalolosuku
Uzokwenzela okufanayo,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi
ningomunye wabo.

Nilizwile, anilizwanga na? Yebo, mnumzane.

Lababantu bangahle bangafundi ukuba yibo,
Noma ukuqhosha ngodumo lwezwe,
Bonke balemukele iPhentekoste labo,
Ngokukholwa eGameni likaJesu;
Futhi bayasho manje, kokubili kude nabanzi,
Amandla aKhe asafana,
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi
ningomunye wabo.

¹⁹¹ Ngangihamba ngalapho, ngihamisha lelo kimi uqobo, ngabuka, ngibone owesifazane omdala oyikhaladi encike phezu kwe—kwe—kwasango, lapho *kanje*, futhi kwakuphezulu le, futhi o, kuyisikhathi sasentwasahlobo esihle, nohlobo lwezihlahla zasentwasahlobo ezinuka kamnandi. U—u—ucabanga ukuthi ukuqhakaza kwamawolintshi kunuka kahle, linda nje uze uhogele lolohlobo lwezihlahla ezinuka kamnandi sasentwasahlobo e-Indiana emuva lapho. Ngakho, futhi kwakukhona... Futhi wayencike lapho, futhi wayeneyembe lendoda liboshwe ekhanda lakhe, obukhulu kakhulu, ubuso abakhuluphele, niyazi.

¹⁹² Futhi ngangiza, ngacabanga... Awu, ngimbonile emi lapho, ngaqhubeka ngihamba *kanjalo*, futhi ngenkathi ngisondela eduze, waqala ukuhleka, izinyembezi ezinkulu zaqala ukwehla emehlweni akhe. Ngathi, “Sawubona ekuseni, Anti.” Leyo ngokuvamile yindlela ebesingakhuluma ngayo kubantu abangamakhali eningizimu.

Wathi, “Sawubona ekuseni, Parson.”

Ngathi, “Parson?” Lowo ngumshumayeli, niyazi. Ngathi, “Waze kanjani ukuthi bengingu parson na?”

Wathi, “Bengazi ukuthi ubuza.”

Ngathi..Ngama ngase ngibuyela emuva, ngacabanga, “Baba, yikho lokhu na? Ungithumela ezansi kulona wesifazane ongumNigro na?”

Futhi wayemi lapho, ngase ngithi, “Waze kanjani ukuthi bengingu parson na?”

Wathi, “Ngabe—ngabe wake wayifunda leyondaba ngowesifazane waseShunemi na?”

Ngathi, “O, yebo.”

¹⁹³ Wathi, “*Mina yilolohlobo lowesifazane.*” Futhi wathi, “Ngangingenabo abantwana, futhi ngatshela *iNkosi* uma Ingangipha ingane ukuthi bengizo—ukuthi bengizo—ngizoyikhulisa ukuba—ukuba *iMkhonze,*” wayesethi, “Nge—ngenza lokho. *INkosi* inginika ingane,” wayesethi, “Ngawasha phezu kwepulangwe lokuwashela ukuba ngiyiphilise.”

¹⁹⁴ Futhi wathi, “*Wa—wayengumfana okahle kakhulu,*” kodwa wathi, “*wathatha umgwaqo ongalungile, waphuma neqembu elingalungile.*” Futhi wathi, “*Yena,*” futhi wayengongcwele wePentecostal omdala, futhi ngakho, wathi, *yena,* “*wathatha umgwaqo owawungalungile,*” futhi wathi, “*wathola isifo samasoka esesabekayo.*” Futhi wathi, “*Bengingasazi.*” Futhi wathi, “*Manje akukho abangamenzela khona,*” wathi, “*inhliziyi yakhe isiphelile.*” Wathi, “*Ulele phakathi lapho, efa.*”

¹⁹⁵ Futhi wathi, “*Izolo ebusuku ngikhuleke ubusuku bonke.*” Wathi, “*Usequleke izinsuku ezimbili, Parson.*” Futhi wathi, “*Ngikhuleke ubusuku bonke, izolo ebusuku.*” Futhi ngathi, “*Nkosi, Unginika lengane,*” wathi, “*Mina—mina yinceku yakho,*” wathi, “*uphi lowo-Elisha,*” washo. Futhi wathi, “*Ngaqhubeka nokukhuleka.*”

¹⁹⁶ Wathi, “*Kulokhu ukusa ngiye kolala emadolweni ami,*” futhi wathi, “*cishe ngelesibili nqo.*” Futhi wathi, “*Ngiphuphe iNkosi ingitshela, ‘Woza lapha, ume kulelisango.’*” Wayesethi, “*Futhi wathi, ‘Uzobe eza ehla ngomgwaqo egqoke isudu empofu, nesincane, isigqoko esimpofu.’*” Futhi wathi, “*Kade ngilindile lapha kusukela ngaphambi kokusa, futhi ngikubonile uza,*” wathi, “*ukuthi...be—bengazi.*” O, lelo yiPentecost, lelo yiPentecost langempela.

Ngathi kuye, ngathi, “*Igama lami nginguBranham, Anti. Uke wezwa ngami na?*”

Wathi, “*Qhabo mnumzane, Parson Branham, angikaze ngizwe ngawe.*” Futhi wathi, “*Ngiyaxolisa, kodwa angikaze ngizwe ngawe.*” Wathi, “*Ungengene na?*”

Ngase ngithi, “*Yebo, memu, ngiyabonga.*” Angizange ngisho elinye izwi. Ngacabanga, “*Lokhu kufanele kube yikho.*”

¹⁹⁷ Ngakho ngenkathi ngingena, babenegeja elidala elilenga eketangweni esangweni ukulidonsela emuva ndawonye.

Ngangena ekamelweni elidadlana, esikubiza ngendlu eyishothigani empumalanga, ikamelo elide elincane.

¹⁹⁸ Futhi ngike ngaba sezigodlweni zamakhosi, ngahamba ngayokhulekela uKing George waseNgilandi, nganginoGustaf enhla eSweden, futhi ngike ngaba sezigodlweni eziningi zamakhosi, noKing Farouk, ne—nezinye izindawo eziningi, namakhosi anamandla amakhulu namakhosi amakhulu, abanye abakhulu kunabo bonke izwe elinabo namhlanje, ngike ngaba nenhlanhla yokungena, ngikhulume nabo, ngaxoxisana nabo, ngike ngaba semakhaya athandekayo, kodwa angikaze ngemukeleke kakhulu, futhi ngizizwe ngisekhaya kakhulu, kunoma ngenza kulelo elincane, iqhugwane leNigro ngalokho kusa. Ngenkathi ngingena lapho, kwakungekho iragi phansi, umbhede wephosta omdadlana ubekwe uhlobo lwaleyondlela, futhi babenesayini enkulu phezulu emnyango lapho, yayithi, “Nkulunkulu busisa ikhaya lethu.”

Kade ngisezindlini zabantu abazibiza ngamaKristu, nezithombe ezikhanukisayo nezingcolile, izithombe ezinenhlamba zezinto ezisodongeni.

Ngazizwa ngisekhaya ngempela.

¹⁹⁹ Ngabuka lapho embhedeni, futhi nakho kulele omkhulukazi, obukeka eqinile, umfana oyikhaladi, Ngiqagele ubengasinda amaphawondi ayikhulu namashumi ayisikhombisa, futhi wayephethe ingubo yokulala esandleni sakhe ethi, “*Mm! Mm!*”

Ngathi, “Yini indaba, Mfowethu na?”

Futhi wathi, “Parson, akakhulumanga izinsuku ezimbili.”

Futhi ubelokhu ethi, “*Kumnyama* phakathi lapha. *Kumnyama*. Angazi ukuthi ngiyaphi. *Mm! Mm!*”

²⁰⁰ Futhi u-anti omdala weza kimi, wathi, “Parson, ucabanga ukuthi uphandle emfuleni ndawondawo, olwandle, futhi kumnyama, futhi ugwedla isikebhe futhi akaboni lapho eya khona.” Futhi wathi, “Kade esho lokho izinsuku ezimbili.”

²⁰¹ Ngase ngithi, “O, lokho kubi kakhulu.” Ngase ngithi, “Awu, Anti,” ngathi, “inkonzo yami, ngisanda kusuka eDallas, eTexas, ngikhulekela abagulayo.” Wayengakukhathalele lokho.

²⁰² Wathi, “Into eyodwa nje engifuna ukuyisho, Parson. Ngifuna ukhuleke, futhi uma uNkulunkulu waseZulwini ezongivumela nje ngizwe umfana wami ethi, ‘Mama, kulungile, ngisindisiwe,’” wathi, “ngizolungela ukumdedela ahambe.” Wathi, “Kodwa ngisebenze kanzima kakhulu, futhi ngamkhulekela kanzima umfana wami,” wathi, “ngiyakuzonda nje ukumbona efa kanjalo, futhi azi ukuthi uzophuma elahleke, ehlubukile ngendlela ayiyo.” Wathi, “Uma nje ngingamuzwa ethi, ‘Kulungile, Mama, sengilungele ukuhamba!’ Uzokhuleka na?”

203 Ngathi, “Kulungile, Anti.” Futhi saguqa phansi kwiphansi lendlu, futhi ngambona enalokho, noma, ngiqagele, iyembe lendodana yakhe libophe ikhanda lakhe, ezinkulukazi izihlathi ezindala ezikhuluphele kanjalo, futhi yena, owesifazane omkhulukazi, waguqa phansi. Ngacabanga...Ngathi, “Anti, sihole ngomkhuleko.”

204 O, mfowethu, ukuba ngangingakaze ngazi ukuthi wayeyiPentecostal ngaleyonkathi, ngangiyokwazi ngaleyonkathi. Ukhuluma ngokukhuleka! Lowo wesifazane omdala wakhuleka umkhuleko owawuzovele nje, ubungezwa izinwele zakho kwingemuva lentamo yakho zisukuma. Wakhuleka sengathi, ngiyakutshela, wakhuluma naYe sengathi wayekhulume naYe ngaphambili, wayazi ukuthi wayekhuluma noBani. Ngenkathi...O, umkhuleko onje, wavele washaya inhliziyi yami. Futhi lapho eseqedile, wafinyelela ngale, wamanga ekhanda, wathi, “UNkulunkulu ayibusise ingane kamama.”

205 Ngacabanga, “Nakho-ke, nakho.” Niyabo? “UNkulunkulu ayibusise ingane kamama.” Nakuba aletha ihlazo phezu kwekhaya, omkhulukazi, umfo obukeka eyisidlakela kanjalo, akunandaba ukuthi wenzeni, useyingane kamama, ngoba lolothando lukamama lusaqhubekela kuye.

Ngacabanga, “Yebo, kunjalo.”

206 Kodwa iBhayibheli lathi, “Umama angalukhohlwa usana lwakhe olusancela na?” Wathi, “Angahle akwenze, kodwa Angikwazi ukukukhohlwa, amagama akho aqoshe ezintendeni zesandla saMi.” Yeka i-dif-...uthando olukhulu kangaka, ukuthi uNkulunkulu uyoke asikhohlwe kanjani! Nakuba izibani zethu zishunqa, Usasithanda. Asilungise isibani sethu esibuthakathaka, mfowethu, asiphume. Asi—asilungele ukuhlangana neNkosi uJesu, asihlanzwe, asilungiswe, asikhulekise, asilungise.

Lapho, wamanga kanjalo. Wathi, “O, kumnyama, Mama. O, kumnyama,” edonsa leyokhava emuva naphambili.

Futhi ngabamba izinyawo zakhe, izinyawo zakhe zazibanda futhi zinamathela, futhi ngathi, sengathi nje wayefa, futhi ngithi, “Uyangizwa, Mfowethu na?”

207 Wathi, “O, Mama, kumnyama,” washo. Futhi ngazama ukukhuluma naye, wayengazi, wayenikina ikhanda lakhe *kanjalo*, nezinto ziphuma emlonyeni wakhe. Wayesethi, “O, Mama, kumnyama, kumnyama. Angazi ukuthi isikebhe sami siyaphi,” kanjalo.

Futhi waqala ukukhala, esula lezozihlathi ezinkulu ezindala, *kanjalo*, wayesethi, “Uyabona ukuthi ngiqonde ukuthini, Parson na?”

Ngathi, “Yebo, mem.”

Wathi, “Uzokhuleka ngokulandelayo, Parson na?”

Ngathi, “Yebo, memu.” Futhi ngaguqa phansi, ngathi, “Guqa kanye nami.”

²⁰⁸ Ngase ngibe izandla zami ezinyaweni zakhe, ngathi, “Baba waseZulwini, sekusemva kwelesishiyagalolunye nqo manje, indiza yami kade ihambile.” Ngathi, “Ngi—ngikhulekela Wena ukuba ube nomusa. Angazi ukuthi kungani Ungiholele ngapha, impela lena yindawo, lokhu yilapho, ngoba bengingeke ngize ngalendlela ukuba Ubungangiholanga, nalo wesifazane emi lapha, awusiholeli ngeze, Uhlala njalo usikhombisa O—Okwenzayo. Ngakho ngiyakhuleka, Baba, uma—uma lena kuyintando yaKho, ukuthi Uzovumela umfana... uphe owesifazane isicelo, futhi kwangathi owesifazane... kwangathi owesilisa angasindiswa, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa umzimba wakhe.”

²⁰⁹ Futhi ngenkathi ngisakhuleka, wathi, “Mama, o, Mama, sekuyakhanya ekamelweni.” O Nkulunkulu! “Sekuyakhanya ekamelweni.” Niyazi, emizuzwini embalwa wayehlezi eceleni kombhede ekhuluma nathi, wangigaxa leyo enkulu, ingalo emnyama, *kanjalo*.

²¹⁰ Ngathi, “Kufanele ngihambe.” Ngase ngaqala ukwehla ngomgwaqo, ngase ngibamba itekisi, ngagijimela ezansi lapho ngokukhulu ukushesha ngase ngithatha isutikisi lami, ngathi, “Awu, ngizophuma, ngibambe ibhanoyi ngesinye isikhathi kulobubusuku.” Kwakubi kabi, khona impela emva kwempi lapho, futhi kubi kabi lapho... ukuthola ibhanoyi eliphumayo. Futhi lapho nje ngishayela ngingena, bathi, “Ukubiza kokugcina kwendiza 172, eya eLouisville.” Leyondiza yayihlale phansi sonke lesosikhathi, ngathola indiza efanayo. Niyabo, uNkulunkulu wenza yonke into isebenze kahle, Akakwenzi na?

Cishe sekungunyaka kamuva ngangiya e... [Umfowethu ukhuluma ngezilimi, omunye uyahumusha—Umhl.]

²¹¹ Nkulunkulu, O Baba, siKubonga kanjani ngalesisexwayiso kithi! Nkosi, ngiyazi ukuthi akusikho ngeze. O Nkulunkulu, abantu mababone ukuthi sizama kuphela ukubathola ukuba balungise izibani zabo, ukuba bazilungiselele. Ihora liyasondela, Nkosi, lapho zonke lezizibonakaliso, intombi elele manje izingela amaFutha, zonke lezizinto, ukuzwa uMoya waKho wehla futhi uqinisekisa uMlayezo, ukuthi Uqinisele!

²¹² Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzobusisa abantu, mabaxwayswe nguNkulunkulu kulobubusuku, futhi bangabi nakuphumula baze balungise izibani zabo, futhi—futhi balungiselela ukhulangana noMyeni. Siphe khona, Baba. Amen.

²¹³ Kuhle kanjani! Niyiqaphelile leyondoda na? Niyiqaphelile ukuthi kanjani bona...? Nina—nina bantu bePentecostal

ngokuvumela ukubona okufihlakele kunidide na? Bukani ukuthi lokhu kukhulu kangakanani kunalokho. Niyabo? Kanjani lokho—lokho, niyabo, wona impela umsindo wephimbo umuntu ayewunikeza, niyabo ukuhumusha kuza ngokufanayo, niyabo, ngendlela efanayo na? Cishe nje ubude obufanayo, inani elifanayo lamaparafrafu, nakho konke. NguMoya oNgcwele. Nginitshela iqiniso, yiqiniso.

²¹⁴ O, mngane oyisoni, funa iNkosi manje, uYibize Isa—Isazwiwa. Yizweni, Yizweni ngumkhuleko wami.

²¹⁵ Ngifuna ukunitshela ukuthi kwenzekani. Emva konyaka ngangidlula ngesitimela, ngiza ePhoenix. Uma wake waba seMemphis, uvela empumalanga, wehla *kanje*. Ngehla esitimeleni, ngaqala ngehla ngedlula lapho. Isitimela, bakunika cishe...bakukhokhisa amasente angamashumi amahlanu ngesemishi elincanyana, futhi lincane ngempela. Futhi ngalinda ngaze ngafika endaweni lapho engangingehla khona futhi ngizitholele amahembhega, futhi ngithola isaka lawo bese ngibuyela esitimeleni, niyabo, futhi bengi—nginga—ngingaphila ngalokho. Ngakho manje-ke, ngaba...Angikwazanga...Angikholelwa ekuthatheni imali yabangcwele futhi ngiyisebenzise, into enjalo.

²¹⁶ Ngakho manje-ke, ngi—ngathola i, ngazithengela amahembhega, futhi ngangehlela lapho, ngigijima ngehla ngalendlela ngalapho okwakukhona khona isitende, ngezwa omunye ethi, “Halo lapho, Parson Branham!” Ngaqalaza, ikepisi elincane elibomvu.

Ngase ngithi, “Halo lapho.”

Wathi, “Awume kancane!” Uza ngapho, wathi, “Unjani wena na?”

Ngase ngithi, “Ngi—ngikahle.” Ngathi, “Angikholwa ukuthi ngiyakwazi.”

Wathi, “O, yebo, uyangazi.”

Ngase ngithi, “Mina...mhlawumbe weqa ingqondo yami.”

Wathi, “Uyakhumbula ngehla ngomgwaqo ngokunye ukusa, futhi ufika endlini lapho umfana wayelele khona, ebulawa yisifo socansi na?”

Ngathi, “Awusuye...!”

Wathi, “Yebo, mnumzane, *mina nguye*.” Wathi, “Angiphulukisanga kuphela, kodwa *mina usindisiwe* manje, Parson Branham.”

²¹⁷ O, ingxenye ayikaze itshelwe. Yini enye enesihe, onomusa, eyigugu, uBaba waseZulwini angayenza uku—ukusexwayisa, nokusilungisa na? Yini enye Angayenza na? UyaMthanda na? UyaMthanda ngayo yonke inhliziyo yakho, wonke umphefumulo wakho, nangayo yonke ingqondo yakho na?

218 Zingaki izoni ezikhona lapha manje na? Njengoba sikhothamisa amakhanda ethu, umzuzwana nje. Phakamisa isandla sakho, uthi, “Nkulunkulu, faka uMlilo esibanini sami kulobubusuku, Nkosi. Khanyisa ikhandlela lami elincane futhi ungivumele ngivuthele uKristu ngize ngife.” Uthi, “Manje ngithatha indlela yami nabayingcosana abadelelekile beNkosi.” Ake ngibone isandla sakho. Mngane oyisoni, ungasiphakamisa isandla sakho, wemukele uKristu njengoMsindisi wakho na? Ungasiphakamisa nje isandla sakho, uvulande osesitezi, noma iphansi eliphansi na?

219 Sikame saqeda ubusuku ngabunye. Lapho mhlampe bekukhona omunye noma ababili phakathi lapha kulobubusuku, phakamisa isandla sakho, uzokwenza na? Nomaphi, soni na? Uthi, “Ngi—ngifuna ukwemukela uMoya oNgewele.” Manje khumbulani, kuphakathi kokuthi uzoba noMoya oNgewele, noma uthathe uphawu olungumaka lwesilo, kunezigaba ezimbili nje. Sizofika kukho kusasa ebusuku. Ngithe nje ukukuphosa ngaphandle, futhi ngenza isisekelo esikhulu ukukumboza kusasa ebusuku.

220 Phakamisa isandla sakho, uthi, “NgiyaWufuna, Mfowethu Branham.” UNkulunkulu akubusise, nsizwa, iNkosi ikubusise, lokho kuhle kakhulu. UNkulunkulu ukunika isifiso senhliziyo yakho, ndodana. Omunye umuntu, angasukuma nje, athi, “Ngifuna ukwemukela uKristu.” UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Lokho kuhle kakhulu, into enobuqhawe impela. Omunye asukume, athi, “Ngizomemukela uKristu, ngizokwemukela.” Kuvulandi osesitezi? Emuva le ekhoni, yebo. Mina, mnumzane, ngibona isandla sakho phezulu lapho, mngane wami othandekayo. Manje, omunye uthi, “Ake mina. . .” Ake sibone manje, omunye uthi, “Ngizomemukela uKristu njengoMsindisi wami. Ngizophakamisela isandla sami kuYe bese ngithi, ngi. . .”

221 Manje, khumbulani, lapho uphakamisa isandla sakho, ukusho ngempela, lokho kuyakuxazulula, kwenziwa kuze kube phakade. UNkulunkulu ukuthatha ezwini lakho ngqo. Uyakusho ngokukuhlosa nje, phakamisa isandla sakho, ubone ukuthi kwenzekani.

222 Kulungile, omunye phezulu kuvulande osesitezi, uNkulunkulu akubusise. Yebo, lokho kuhle. Phakamisa isandla sakho nje, uyabona ukuthi umuzwa onjani oza phezulu kwakho. Uma uyisoni phakamisa isandla sakho. Yebo, inenekazi, inenekazi eliselincane elihlezi lapha ngaphambili, uNkulunkulu akubusise, Dadewethu, othandekayo. Omunye na? Ngizobe ngilindile, uKristu ulindile. UNkulunkulu akubusise phezulu lapho. Omunye na? UNkulunkulu akubusise emuva lapho, mfo osemncane. UNkulunkulu abe nawe, mfana omncane. Ngakho, uNkulunkulu ngempela uzokwenza lokho.

223 “Ngifuna ukwemukela uKristu njengoMsindisi wami.” UNkulunkulu akubusise, emuva ngemuva. Omunye na? “Ngizomemukela uKristu njengoMsindisi wami. Mina manje, phezu kwalendawana, lapho engihlezi khona, ngenelisekile ukuthi ngidinga uKristu. Ngiyakwazi lokho, bengihlala njalo ngikholwa ukuthi kuza isikhathi sokwehlukana, ukuthi uNkulunkulu uyohlukanisa iBandla leqiniso.” Uzokwenza, UzoLiyisa eKhaya, UyaLilungiselela khona manje.

224 Uzoza ujoyine noJesu Kristu ngokunikela inhliziyi yakho kuYe na? Qhubeka nje ebandleni noma ngabe ukuphi, qhubeka nje, kodwa nikela inhliziyi yakho kuYe. Phakama . . .

225 Manje, amahlelo, a, elinye lifana nje namanye. Kungukuthi, noma ngabe kukuphi, noma yikuphi lapho othola khona inhlanganyelo yakho, iqembu labantu obathandayo, lokho kulungile. Uma ungoweFoursquare, ungaguqukeli kuma-Assemblies; uma ungowe-Assemblies, ungaguqukeli eFoursquare, hlala nje lapho okhona futhi uthande iNkosi, noma ngabe ukuphi. U—ubhaphathizelwe eMzimbini kaKristu, ngakho noma iyiphi inhlangano ongowayo, akuyisindisi, noma akuhlanganise lutho nayo, indawo nje lapho abantu beza khona. Futhi abangempela, abafowethu beqiniso bayakwazi lokho, sonke siyakwazi lokho, siyakwazi lokho, impela, siyakwazi.

226 Uzo . . .? Ngabe ukhona omunye ozophakamisa isandla sabo ngaphambi kokuba sibe nomkhuleko na? UNkulunkulu akubusise, s’thandwa. Kungaba nomunye na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Mina—mina, phezu kwezisekelo zeGazi elichithiwe, lokho uJesu angenzela khona . . . Futhi Mfowethu Branham, engikuzwile ukusho kulobubusuku, angikholwa ukuthi ubungasitshela noma yini eyiphutha, ngikholwa ngempela ukuthi uyinceku kaNkulunkulu. Futhi phezu komlayezo ukuthi ‘Ukukholwa kwakho kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu . . .’”

227 Singena kulokho kamnandi kakhulu kusasa ebusuku, ekuqedeni umbhaphathizo kaMoya oNgcwele nophawu olungumaka lwesilo.

228 Ungasiphakamisa isandla sakho na? Uthi, “Phezu kwezisekelo zeGazi likaKristu elichithiwe, ngiphakamisa isandla sami kuYe, ngithi, ‘Ngifuna Wena ube nguMsindisi wami khona manje.’” Ngabe ukhona omunye, ngaphambi kokuba sikhuleke na?

229 UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane, emuva lapho, lokho kuhle kakhulu. UNkulunkulu abe nawe, dadewethu. Angabakhona omunye na? UNkulunkulu akubusise, dadewethu, ohlezi khona lapha, lokho kuhle kakhulu. Angabakhona omunye na? Emuva le ngemuva, uNkulunkulu akubusise, mfowethu, lokho nje kwenza umehluko phakathi kokufa nokuphila.

²³⁰ Manje, ini, wena ophakamise isandla sakho, ukuba-ke kulobubusuku bekungubusuku bakho bokugcina emhlabeni na? Futhi uma ngesinye isikhathi phakathi kwamanje nemini, ubuyovuka ekulaleni kwakho, nenhliziyi yakho ima, imithambo yakho—yakho iyaphola, izandla zakho ziyabanda, ucindezela u—umqamelo njengoba ufa, udokotela uyasuka emnyango wathi, “Qhabo, ngukuhlaselwa yinhliziyi, sebehambile,” niyabo, lutho. . . umzwile esho lokho na? Ngeke yini kumangalise lapho wazi ukuthi uphakamise isandla sakho na? O, kumnandi kangaka! Uzojabula kanjani!

²³¹ Kuthiwani uma unengozi uya ekhaya, futhi ulele eceleni komgwaqo, wopha, uzwa i-ambulensi iza, kodwa uyazi ukuthi sekuba leyithi kakhulu, futhi uyazi ukuthi uphakamisele isandla sakho kuKristu na? Ubuyothi, “Makube njalo, ngifanele ngihambe ngesinye isikhathi, noma kanjani, ngakho sengilungele manje, futhi manje yisikhathi sokuhamba.”

Phakamisa isandla sakho nje. Yenza konke lokho isinqumo esisodwa khona manje, uzokwenza, mfowethu, dadewethu na? Phakamisa isandla sakho.

Wena uthi, “Mfowethu Branham, kungani unxusa abantu abanjalo na? Leli akusilo itabernakele lakho, leli akusilo ibandla lakho.”

²³² Ngiyazi. UMfowethu Buntain, umfowethu, ungumelusi lapha. I-Assemblies of God, lelibandla lingelalo, okungukuthi, lesisakhiwo lapha, ne-Assemblies of God ingomunye wabasekeli bami abakhulu kunabo bonke emazingeni amaPentecostal emhlabeni jikelele, lokho akusikho, kodwa noma kunjalo, konke lokho, njengoba ngibathanda kakhulu, leso akusiso isizathu, ngiyanihanda, nginithanda njengomuntu ngamunye, angifuni nilahleke.

²³³ Ngibe nombono, ngithemba ukuthi nginaso isikhathi sokunitshela khona, ukuthi kwenzekeni, ebusukwini obumbalwa obedlule, ngibone iNkazimulo, futhi ngabona abantu, ngibone owesifazane egijima enyuka futhi wangigaxa ngengalo yakhe phezulu lapho. Ngike ngaba nesihluku kancane kwabesifazane, empeleni, futhi ngimbonile lowo wesifazane, into enhle kakhulu engake ngayibona. Futhi wayengibiza ngomfowabo othandekayo.

Ngase ngithi, “Wakwenzelani lokho na?”

Wathi, “Wayesedlule emashumini ayisishiyagalolunye ngenkathi umholela kuKristu.”

Ngathi, “O Nkulunkulu, uma kuphela ngingabuyela emuva, ngizoncenga, ngizonxusa, ngizonxusela, ngizokwenza konke.”

²³⁴ Ungesiphakamise isandla sakho, bese uthi, “Ngemukela uKristu njengoMsindisi wami”? Impela, uma uNkulunkulu

engivumela ngenze lokho engiMenzele khona, impela ngiyazi, nginomqondo othize wokuthi ungaMemukela kanjani—kanjani.

²³⁵ Lingaba khona ilunga lebandla elisivivi lapha na? Manje, wonke umuntu ikhanda lakho likhotheme. Ilunga lebandla elisivivi, nje, uzisho ukuthi uyamazi uKristu, kodwa ngempela, phansi enhliziyweni yakho awukakwenzi, kodwa ufuna ukuMazi, phakamisa isandla sakho, ilunga lebandla. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Omunye na? UNkulunkulu akubusise, Mfowethu. UNkulunkulu akubusise.

²³⁶ Omunye umuntu, ilunga lebandla nje, uthi, “Ngifuna ukwazi uKristu, ngi—ngingowebandla.” Futhi ngi—ngingesho lutho olubi olumelene nalokho. Impela ngingaqoka ukuthi ube se. . . ube ngowebandla, kunaphandle lapha emgwaqeni ungenalutho. Hamba uye esontweni, kodwa ngifuna wena, ngicela uze futhi wemukele uPhawu lukaNkulunkulu.

²³⁷ Isizathu, uma ungenalo, awu iBhayibheli lithi kunezigaba ezimbili kuphela. Lindani kuze kube kusasa ebusuku, futhi nizobona. Izigaba ezimbili, esisodwa siyoba nophawu olungumaka lwesilo, esinye siyoba noPhawu lukaNkulunkulu. NjengoKayini noSeti nje ensimini yase—Edene, ufika kuleyonto. Unga—ungasiphakamisa isandla sakho na? Omunye futhi manje, ngaphambi kokuba sikhuleke. UNkulunkulu akubusise, nenekazi.

²³⁸ Baba wethu waseZulwini, ngibone izandla eziningi ziphakama kulobubusuku, iningi labo liyizoni futhi lifuna ukuthethelelwa kwesono. Ababili baphakamise izandla zabo ukuthi bebengamalunga ebandla nje, kepha nokho bebengaKwazi, futhi bebengabekiwe uphawu eMbusweni.

²³⁹ Baba, ngi—ngiletha lemiBhalo, futhi ngiyibambe phambi kwaKho, Wena wathi eZwini laKho, “Ozwa iZwi laMi,” neNkosi, ngokwazi kwami okwedlula konke, ngiLishumayelile, “futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade.” Manje, Washo lokho, Baba, yilokho impela Owakusho, futhi ngikulbuyisela ngqo enkumbulweni yaKho. Lababantu ulizwile leloZwi, futhi ukholiwe nguYe oKuthumileyo.

²⁴⁰ Manje, Wena wathi, “Banakho manje,” inkathi yamanje, *bane*, inkathi yamanje, “UkuPhila okuPhakade, futhi akayikuya ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” Bakwenza nini na? Ngenkathi bephakamisa isandla sabo, bathi bayakholwa. Manje, Nkosi, Wakusho, futhi ngibiza leyomiphefumulo.

²⁴¹ Sathane, ungeke wababamba, nokho, nhlobo, bangabantwana bakaNkulunkulu khona manje. Ngiletha lokho phambi kwakho. Ufanele ususe isandla sakho empilweni yabo, bangabakaNkulunkulu manje. Ngibabizela kuYe, ngibabiza njengemiklomelo yo—yothando lukaKristu eKalvari. Ng—ngikuphosela inselelo enkulumweni—mpikiswano,

awunawo amandla angokomthetho, awunamandla phezu kwabo, wawungenawo kwasekuqaleni, wawubakhohlisa kuphela, wawukhohlisa kuphela. UKristu wakuhlubula konke owawunakho eKalvari, Wahlubula onke amandla owake waba nawo, futhi awulutho kodwa umkhohlisi, futhi sikubizile ukukhohlisa kwakho. Laba bangabantwana bakaNkulunkulu manje.

²⁴² Futhi Baba, Wena wathi, “Oyoza kiMi, Angisoze ngamlahlela ngaphandle,” Wakwethembisa, futhi ngiyazi ukuthi kuyiqiniso. Wathi Uyobapha ukuPhila okuPhakade futhi ubavuse ngosuku lokugcina, khona-ke baqiniseke impela nje ukuba beze ekuvukeni njengoba behlezi kulesisakhiwo kulobubusuku.

²⁴³ Manje, Baba, ngicela nje into eyodwa futhi: Uzobagcwalisa ngoMoya oNgcwele na? Siphe lokho, Nkosi. O, bagcwalise ngoMoya oNgcwele. Ungavumeli—ungavumeli umphefumulo wabo ukhululeke, Nkosi. Kwangathi ubusuku bonke, imicamelo yabo ingaba l’khuni, kwangathi ingazwakala ifana namadwala, umbhede wabo, baze kuba baphandle lapho ngamadolo abo, bethi, “Nkulunkulu, ngigcwalise ngoMoya oNgcwele.” Kwangathi bangathola iBhayibheli, baLifunde, futhi kwangathi Ungeza kubo futhi uhumushe iZwi kubo, futhi kwangathi bangekhululeke manje. Bangabantwana baKho, futhi ihora liya ngokuba leyithi, ngikhulekela ukuthi bazothola lokho kuthula okudlula ukuqonda konke, ngoJesu Kristu.

²⁴⁴ Lamalunga ebandla aphakamise isandla sawo, Baba, ngiyaKubonga ngawo. Ba—ba—bazisho futhi bangena ebandleni, kodwa bayaqonda nje ngokuba yilunga lebandla, bebeyobekwa uphawu olungumaka ohlobweni olungalungile lowesifazane. Sizokuthola lokho kusasa ebusuku, uma Uthanda, Baba, bakhombise ukuthi babekwe uphawu olungumaka kanjani kumlobokazi wamanga. UMlobokazi weqiniso unamaFutha esibanini sabo. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobapha amaFutha esibanini sabo, kulobubusuku. Kwangathi lawomalunga ebandla angagewaliswa ngoMoya oNgcwele kulobubusuku. Siphe khona, Nkosi.

²⁴⁵ Ngikhulekela lokhu, hhayi ukuba ngibe mubi, kodwa ukuba ngibe ngumfowabo, ukwazi ukuthi ukugeja iZulu kungukugeja konke. Sibe yini lesisikhathi esincane sokuphila, kulokho iPhakade eliyikho na? Livele lincibilike lingene e—ekungaphelini, ngoba Alizange liqale. Futhi, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzobadonsela phezulu ngezinsuku zokugcina bangene kulawomazinga aPhakade eNkazimulo kanye naWe. Siphe khona, bangabaKho. Ngiyakhuleka, futhi ngibanika Wena, eGameni likaKristu.

²⁴⁶ Manje, amakhanda ethu ekhotheme, ngizocela bonke abaphakamise izandla zabo, ukuba nje bame ngezinyawo

zabo. Angizukucela ukuba wenyukele lapha, asinandawo. Kodwa wonke lowo ophakamise izandla zakho, uma uqotho kuNkulunkulu, sukuma nje ume ngezinyawo zakho, umzuzwana nje. Wonke umuntu ophakamise isandla sabo, yima ngezinyawo zakho, yonke indawo, kovulandi abasesitezi, yonke indawo, sukuma nje. UJesu wathi, “OyoNgivuma phambi kwabantu, yena Ngiyakumvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele.”

²⁴⁷ Manje, ngifuna nina malungu ebandla, nani maKristu, ikakhulukazi, ukuba niqalaze, nibone ukuthi bangobani. Ngifuna ubambe isandla sabo, futhi ubaxhawula, ume lapho, uthi, “UNkulunkulu akubusise. Uyemukelwa eMbusweni kaNkulunkulu, Sihambi.” Yilokho-ke, phendukela ngqo komunye umuntu, uxhawulane nabo, uthi, “Siyakwamukela eMbusweni kaNkulunkulu.” Lokho kuhle kakhulu. Lokho kuhle kakhulu. Lokho kuhle. UNkulunkulu akubusise. INkosi ibe nani. Lokho kuhle kakhulu. Kuhle. UNkulunkulu akubusise.

Manje, ningahlala phansi. Lokho kuhle kakhulu, kakhulu.

²⁴⁸ Manje, ngizonicela ukuba nenze okuthize manje: Qiniseka ukuthola omunye umelusi, uma ungakaze ubhaphathizwe ngombhaphathizo wamaKristu, thola omunye umelusi, ibandla lokuzikhethela kwakho, futhi ubhaphathizwe emanzini, enhlanganyelweni yalelobandla. Khona-ke lapho wenza lokho, khona-ke ufuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele uze ugwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi:

Ngiyohlangana nawe ekuseni, ngasemfuleni
okhanyayo,
Lapho zonke izinsizi sezikhukhulekile;
Ngiyobe ngimi esangweni, lapho amasango
evuleka kakhulu,
Ekuvalweni kosuku olude lokuphila,
olukhandlayo.

Ngizohlangana nani ekuseni ngo “Unjani,”
Futhi siyohlala phansi ngasemfuleni futhi
nohlwitho sivuselele ukwazana,
Niyongazi ekuseni, ngokumamatheka
enginakho,
Ngiyohlangana nani ekuseni, eMzini, uMuzi
owakhiwe unezinhlangothi ezine.

²⁴⁹ Baba Nkulunkulu, bangabaKho manje, babekwe uphawu eMbusweni kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele usebenzana nabo. Manje ngikhulekela ukuthi bazo...Ngizohlangana nabo ekuseni kulolo olukhanyayo, uGu olucwebezelayo, ngaleya, lapho zonke izinsizi sezikhukhulekile. Ngeke yini kumangalise, Baba na? Izinsimbi zenjabulo zikhala, zonke izinhliziyi zikhanya, zicula, kuzoba yisikhathi esihle kakhulu.

BangabaKho, futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzobagcina ngomusa waKho, size sibonane kulowomfula, ngalokho kusa. Amen.

Manje, anizizwa nikahle na? Akukwenzi nje uzizwe ukahle ngempela na? Uthi, “Mfowethu Branham. . .”

²⁵⁰ Abaphendukile abasha manje abasanda kungena eMbusweni, ngizocela uBaba uma Ezokwenza okuthize, nginelungelo lokuMcela manje, kufike izoni, ngikholwa ukuthi sithola umusa kuYe, aninjalo na?

²⁵¹ Bangaki ogulayo phandle lapho na? Phakamisani izandla zenu, abagulayo nabadingayo nje. Kulungile. Ngizofulathela ukunikhombisa ukuthi sisosukwini lokugcina. Bangaki okhumbula izifundo zethu na? Kanjani iNgelosi yeNkosi, uNkulunkulu, yehla futhi yahlala enyameni yomuntu, futhi idla inyama, isidalwa esingumuntu esijwayelekile nje, sikhuluma njengakho, futhi nokho uNkulunkulu wayesenyameni yomuntu ngaphambi nje kokuba iSodoma lishiswe. NoJesu wathi kuyoba uhlobo olufanayo lwesibonakaliso esiyokwenzeka ekufikeni kweNdodana yomuntu. Siyakukholwa lokho na? Ukuthi sedlule kanjani ezifundweni ukukhombisa ukuthi Wenzani.

²⁵² Manje, akukho-muntu lapha engimaziyo. Ngikholwa ukuthi bengizingela emavikini ambalwa edlule nalenzizwa ehlezi khona *lapha*. Awusiso isihlobo esithize nomngane wami olungileyo na? Awu. . .? Ungumlamu kaMfowethu Norman, ngikholwa ukuthi kunjalo, akunjalo na? Kulungile. Yilowo kuphela umuntu, noMfowethu noDadewethu Smith behlezi lapha, uMfowethu Gene, futhi yilowo kuphela engimaziyo, ngizojika. . . futhi, yebo, Dadewethu Upshaw, ayibusiswe inhliziyu yakho, Dadewethu Upshaw.

²⁵³ O, ngimthanda kanjani uMfowethu Willy Upshaw! Umhlangano wakho ngalobobusuku, Mfowethu Kopp, ngenkathi ngibuka lapho futhi ngabona, bengizama ukukhuluma, futhi ngabona lapho awe khona kuleyonqola, walimala iqolo lakhe, futhi babona ukuthi akukho ababengamenzela khona. Angikaze ngizwe ngaye empilweni yami. Futhi nango wayelapho, uWilly D. Upshaw. Ngathi, “Kanjani. . .?”

U-Ern uza kimi, wathi, “Uthini ngaleyondoda na?”

²⁵⁴ Ngathi, “Uke wangenela ukhetho lokuba ngumongameli futhi wayezoba nokhetho, ukuba kwakungesikho ukuma kwakhe ngokumelene newiski nento engalungile. Iqembu leDemokhrathi laliyomkhethe. Kodwa wa-wathatha isinqumo sakhe.” Futhi ngathi, “Yonke leminyaka, iminyaka engamashumi ayisithupha-nesithupha, ubulokhu uhamba kulezizinduku zokuqhugela nesihlalo esinamasondo, kodwa uNkulunkulu uyamsusa kuso manje.” Wayelapho, futhi kwakumnandi kanjani!

255 Lapho ngifika ngaphesheya kolunye uHlangothi ngiyobona insizwa, indoda ebukeka iyinhle yehla futhi ithi, “Uyangikhumbula, Mfowethu Branham na? NginguMfowethu Upshaw.”

256 Ubona isithandwa sakhe esincane lapho, bonke bendawonye. Ngiyakhumbula ukuthi wakhala kanjani ngalobobusuku, Dadewethu Upshaw, ngenkathi umbona esukuma, egijima emsamo, futhi athinte izinzwane zakhe ngesandla sakhe cishe eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala. He, ukuthi uNkulunkulu angenza kanjani izinto ezinkulu!

257 Kulungile. Ingelosi yeNkosi yahlala ifulathele ngomhlane waYo. Manje, manje, ngethemba ukuthi nonke niyakuthola lokhu, angisiyo iNgelosi yeNkosi, nginguWilliam Branham. Niyabo? Ngingumfowenu. Kodwa Wayehlala enyameni yomuntu ngaleyonkathi Wazidala Yena uqobo, futhi nje wanyamalala. Niyakukholwa lokho na? Manje, niyakholwa ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu na? IBhayibheli lathi kwakunguNkulunkulu, u-Abrahama wathi kwakunguye.

258 Kwakuyini na? Isibonakaliso sokuthi ngezinsuku zokugcina. . . Manje khumbulani, ngenkathi Efika ezinsukwini zeNkosi uJesu, Yena, uNkulunkulu wahlala kuJesu, anikukholwa lokho na? Lowo kwakungumzimba ozalwa yintombi, iMbewu evela kuNkulunkulu, qobo lwaKhe. Futhi kuleloNgqamuzana leGazi, ngenkathi lephulwa eKalvari ngenxa yezono zethu, khona-ke langwelisa iBandla, ukuthi uMoya oNgcwele ungahlala eBandleni futhi uqhubeke nemisebenzi kaNkulunkulu kwehle njalo. “Ningofakazi baMi, emva kokuba senemukele amandla.” Kunjalo.

259 Manje, uma lokhu, uma ngikhulume iqiniso, khona-ke uMoya oNgcwele mawukhulume kini kulobobusuku. Ngizofulathela, khulekani, ngibone uma kunguMoya oNgcwele ofanayo. Manje, Uzofanele asebenze nani ngokufanayo njengoba Esebenza nami.

260 Abanye benu bazalwane phandle lapha nikhulekele labo abaphandle lapho ezethamelini, abefundisi, kanjalonjalo. Sizoba nesikhathi, befundisi.

261 UBaba waseZulwini uyazi ukuthi lokhu angenzeli enye inhloso, kodwa ukuze i-iZwi engilishumayelayo libonakaliswe eBandleni ngalolusuku, ukuthi ibandla lePentecostal lisukile kuNkulunkulu, lifanele libuye. Ngunyaka waseLawodikeya.

262 Futhi, Nkulunkulu, uma ngike ngasho noma yini emelene nanoma ubani ukulimaza obekungenguWe ungitshela, Uyangithethelela, Nkosi, kodwa ngikwenze ngendlela nje Owanginika ngayo. Ngakho ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzoqinisekisa. Ngikhulume ngaWe, manje khuluma ukuthi ngikhulume iqiniso, Nkosi. Ngikunikela kuWe, eGameni leNkosi uJesu.

²⁶³ Kukhona amakhulu amaningana abantu abahlezi lapho, abaningi babo bayagula, angazi noyedwa wabo, Wena uyazi, ngikhulekela ukuthi Uzokwenza iZwi laKho ligcwaliseke. Ngenkathi Ufika lapha emhlabeni, Washo ukuthi Wakwenza ukuze kugcwaliseke, okwakhulunywa ngumprofethi u-Isaya, ukuthi uMesiya wayeyokwenzani. Manje, Baba, kwangathi Lingagcwaliseka futhi, ngokuba Wakwethembisa, yingalesosizathu Ukuvumela. EGameni likaKristu. Amen.

Manje, baningi abakhulekayo. Uma nginga. . . Uma umuntu othize, njengowesifazane omncane, engathinta ingubo yaKhe!

²⁶⁴ Yebo, khona phambi kwami manje kuza umbono, futhi kwenzeka ukuthi ngowesifazane, uhlezi, indlela engimi ngayo manje, uyoba ngakwesokudla sami, ngalendlela. Liphethwe yinkathazo yenyongo, linenkathazo yenhliziyi futhi. Ngifulathele, uma ngibiza igama lakhe, mhlawumbe ubengaqonda. Nkk. Hanson, sukuma futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho.

Manje, angikaze ngiqalaze, namanje. Manje, uyakholwa na? Yiba nokukholwa nje. Lalikuphi inenekazi na? Libuyele ngapha ndawondawo. Khona lapho na?

Ngabe lezozinto yayiyiqiniso, nenekazi na? Ngabe sixakile komunye nomunye na? Uma kunjalo, vayizelisa isandla sakho *kanje*. Ngabe konke bekuyiqiniso, bekuyiqiniso na?

²⁶⁵ Kwase kuthi-ke iNgelosi kaNkulunkulu efanayo eyayihlezi lapho eSodoma, eGomora ukunikeza isibonakaliso ku-Abrahama ukuthi ihora lase lisondele lokushiswa kweSodoma, lilapha kulobubusuku. Isiphiwo nje sokuzivumela ngiziphumuze.

²⁶⁶ NgiyaMbona komunye umuntu. Ngiyethemba. . . (Manje, ningangivumeli ngihlale isikhathi eside kakhulu.) Nje ngibuka umbono, owesifazane ohlezi lapha ekhuleka. Unesifo sikashukela. Nkk. Finch, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uma ukwenza, sukuma, phakamisa isandla sakho. Angikwazi, kunjalo na? Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Ngabe yilokho okungalungile ngawe na? Yini E. . .? Kulungile. Uthinte Into ethize, awuthintanga na? Ini. . .? Awungithintanga, ukwenzile na? Uthinte—uthinte uNkulunkulu, kunjalo. UNkulunkulu akubusise.

²⁶⁷ Ucabangani nsizwa, uhlikihla ikhala lakho na? Udinga uNkulunkulu, nawe. Uyakholwa na? UNkulunkulu uzongichazela ukuthi iyini inkathazo yakho. Awunalo ikhadi lomkhuleko, ngiqagele, qhabo, akukho, kunjalo, akukho-khadi lomkhuleko. U—uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Noma, inceku yaKhe, ngiqonde ukusho. Ngiyaxolisa ngokusho lokho, angisuye umprofethi, ngiyinceku yaKhe nje.

²⁶⁸ Ukhathazwa wukwethuka, ukwethuka kakhulu nje awukwazi ukuzibamba. Akunjalo na? Uma lokho kunjalo,

phakamisa isandla sakho. Uyakholwa ukuthi ebengingakusho kuyofezeka na? Uyakukholwa na? Uzongilalela njengomprofethi waKhe na? Khona-ke ngisusa lokho kwethuka kuwe, eGameni likaJesu Kristu. Ungabe usakhuluma ngakho. Hamba futhi uphiliswe.

²⁶⁹ Ayishongo yini iNkosi yethu ukuthi, “Uma nithi kulentaba, ‘Nqukuleka’”? Uma ukholwa!

²⁷⁰ Indoda ehlezi khona emuva lapho ingibuka, ingathanda ukwenyukela lapha, ifuna ngibeke izandla phezu kwayo. Kunjalo. Lokho kuqina kwemithambo kungasuka kuwe uma nje uzokukholwa khona lapho ohlezi khona. Uzokwenza na? Uhlezi khona emuva lapho, uthi ukubampunga, ufake izibuko, uhlezi khona emuva lapho ungibuka. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyoyakho! Ungangabazi. Uyakukholwa na?

Manje bukani, okuzungeleze kusuka ngqo kuleyondoda, yalahlekelwa yikho.

²⁷¹ Uhlikihla amehlo akho, futhi waphenduka, futhi wabuka nokuncane. . . Yilokho-ke. Inenekazi elihlezi khona lapha, Liphezu kwakho ngqo nenkathazo yenhliziyoyakho, lihlezi lapho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Khona lapho. Yebo. Kulungile. Uthola ukuphulukiswa, kungokwakho. Kulungile. UNkulunkulu akubusise.

Qaphela, ulungele ukukubamba noma ngamuphi umzuzu.

²⁷² Umuntu onomoya omuhle kakhulu, unenqwaba yokukholwa, usekuxhumaneni okuhle noNkulunkulu. Angikwazi. Kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphulukisa leyonkathazo yenhliziyoyakho, nawe na? Unenkathazo ngomlenze wakho, futhi, awunayo, isitho sakho na? Yebo, unendodakazi engasindisiwe, oyikhulekelayo. Kunjalo. Awusuye owalapha, ungowaseNyakatho Hollywood. Niyazi ukuthi ngikhuluma ngobani manje na? Ufuna ngibize igama lakho na? Nkk. Beard, sukuma ume ngezinyawo zakho, futhi ukwamukele, eGameni likaJesu Kristu.

Uyakholwa na? Manje, kuyini, bangane na?

Ngabe lezozinto ziyiqiniso, nenekazi na? Uma kunjalo, vayizelisa isandla sakho.

Niyabo, kuqinisele. Niyabo? Manje, uyakholwa na? Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Manje niyabo, sonke isakhiwo. . .

Manje, ba—bangithintile, niyabo, ngiyazi nje sekwanele manje. Bayangibhekisisa, niyazi, lapho sengenele.

²⁷³ Manje, ake ngikutshele, mngane wami, ngikutshele iqiniso, uNkulunkulu ukuqinisekisele ukuthi ngikutshele iqiniso. Lona impela ugcobo lukaNkulunkulu olushumayela leliZwi elifanayo futhi lusho lezizinto, yilo impela ugcobo olumemezela ukuthi


uNkulunkulu ulapha, enza into efanayo. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

Bangaki kini abafuna ukwemukela uMoya oNgcwele na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngithanda ukwemukela uMoya oNgcwele.”

²⁷⁴ Umelusi ungitshela ukuthi kunegumbi khona ezansi *lapho*, elinde nje umuntu ukuba ehle ukuba, angene ukuba akhulekelwe. AwuWemukeli ngani na? Yehlela lapho futhi—futhi wemukele uMoya oNgcwele.

Sonke asime ngezinyawo zethu, ngesikhathi esisodwa. Asiphakamise izandla zethu, futhi sinikeze uNkulunkulu udumo, wonke umuntu, ngendlela engeyakho. Unga . . . Kholwa nje.

²⁷⁵ Baba waseZulwini, nginika Wena udumo nenkazimulo, ngayo yonke imisebenzi yamandla, ngazo zonke izinto Ozenzile. UnguNkulunkulu ongenakuphosisa, UnguYe onguye izolo, namuhla, naphakade, Awusoze wehluleka.

²⁷⁶ Manje, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye ukuba niphulukiswe, futhi nemukele uMoya oNgcwele. Manje, khulekelani lowomuntu, khulekelani omunye nomunye. Phezulu kuvulandi osesitezi, phezulu lapho, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, nikhulekelane, ukuze nemukele uMoya oNgcwele. Uma ungeke ungabaze, uNkulunkulu uzonipha nonke umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi uzophulukisa wonke umuntu. 

61-0216 UPhawu LweSilo NoPhawu LukaNkulunkulu #1
EFirst Assembly Of God Of Long Beach
ELong Beach, ECalifornia E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org